# *Uphi Lowo, INkosi YabaJuda Na?*

Futhi ngiyakuthakasela ngempela lokho. Leso yisipho sami sokuqala sikaKhisimusi, ngakho-ke ngibonge kakhulu. Futhi, awu, uma ngingavele ngishumayele manje ngaphandle kokuzama ukusivula! Ngifana nje nomntwana enalokho kulindela kukaKhisimusi, e—elindele okuthile, niyazi, uyazizwela nje ukuthi kukhona isipho obungasilindele esincane futhi usanda kungena kuso. Futhi, uyazi, ngisho noma siguga, angicabangi ukuthi silahlekelwa yibo bonke ubuntwana bethu. Nicabanga kanjalo na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Singabantwana asebekhulile nje. Yilokho ngakho.

2 Awu, mayidunyiswe iNkosi! Siyajabula ukuphumela lapha futhi, ngalokhu kusa okuhle komkhosi kakhisimuzi, sibheke phambili ezibusisweni zeNkosi ukuqhubeka nathi lapho sisaqhubeka emhlanganweni, njengoba nginesiqiniseko sokuthi Unazo.

3 Ngicabanga ukuthi, kulokhukusa, bazoba nezipho ezithile zabantwana. Noma—noma yi. . . [UMfowethu Neville uthi, "Sebesithathile kakade."—Umhl.] Sesithathiwe kakade, izipho zabantwana. Awu, kuhle kakhulu lokho.

4 Manje, ngingathanda nje ukunikeza umbiko omfishane ngomhlangano wethu wokugcina, uma kulungile, futhi ngalesi sikhathi. [UMfowethu Neville uthi, "Amen."—Umhl.] Nina bantu yini enikhulekayo futhi nibambelele kuNkulunkulu, ukuba mina ngiphume ngiye kulezi zinkonzo. Futhi ngithanda ukunikela nje ukufingqa okuncane kwe—kwemihlangano yokugcina nje.

5 Esinye sezigameko ezivelele zomhlangano odlule, besise. . . senzeke eShawano, eWisconsin. Kwakusehholo elikhulu lesikole samabanga aphakeme, ihholo elikhulu elisha lesikole samabanga aphakeme, lapho sesithi asilungele nje ukukhulekela abagulayo. Ngangisanda kwenza ukubizela e-altare, futhi abaningi babephakamise izandla zabo, ukwamukela uKristu njengoMsindisi oqondene nabo. Bese kuthi-ke kwaba ngukuthi ngiqaphele okuthile okwenzekayo, okwakuphandle ngqo ezethamelini, isiqeshana esincane esivela kimi. Futhi kwakungumuntu oneminyaka cishe engamashumi ayisikhombisa noma engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala. Wawa wafa, wafa ngesifo senhliziyo. Igwebu lathululeka liphuma emlonyeni wakhe, namanzi asaphazekela

ezimpahleni zakhe zokugqoka. No—nomkakhe, bephiyazela impela, ehlikihla ubuso bakhe.

6 Futhi—futhi ngangazi ukuthi lelo kwakuyicebo lokuphamba lesitha. Wenza lezozinto nje ukucasula abantu, niyabo, bese kuthi-ke, lapho enza lokho, kuya ekuphiyazeleni. Kwenzeke kaningi emhlanganweni. Muva nje eNew England kwenzeke kanjalo futhi, ngaphambi nje kwalolo cingo.

7 Futhi ukuze udedise abantu ukuba baxhuxhume, ngi... Kulezo zikhathi ezinjalo, ufanele ugcine ubuhlakani bakho, ukubona ukuthi uMoya oNgcwele uzothini. Ngoba, sifundisiwe emiBhalweni, ukuthi, "Zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu."

8 Futhi babebaningi abantwana bakaNkulunkulu, abaMthandayo. Futhi ngaqhubeka ngibuka indoda, futhi ngibona ukuthi yayisivele inamagwebu emlonyeni. Futhi i... Futhi njengoba noma ubani azi, lapho ukufa kugadla kumuntu, imvamisa amanzi ayaqhuma, niyabo. Futhi ba...Nomkakhe, ehlikihla ubuso bakhe kakhulu, futhi wayehamba *kanjalo* nje. Njengokuvimbela abantu bengamqapheli, ngathi, "Umyeni wakho, ubungafuna othile ozomuphuzisa amanzi na?" ukuthola ukunakwa kwakhe.

9 Wayesethi, "Mfowethu Branham, ngikushiya konke kuwe." Futhi wayeyi—iLuthela, ngehlelo.

10 Ngase-ke ngicabanga ukuthi ngizobiza umugqa womkhuleko, bese ngiphakamisa abantu, ukubakhulekela. Kodwa, esikhundleni sokwenza lokho, uMoya oNgcwele uqala ukuphuma uye emhlanganweni, phezu kwabantu, ukubabiza nje. Futhi Wadlula ngaleya komfo omdala, cishe kabili. Bese kuthi-ke, khona manjalo, ngathi, "Sizokhuleka nje."

11 Futhi ngenkathi ngiqala ukukhuleka, ngazizwa ngikhuleka, okwathi kulokhu kufa, "Mkhulule." Futhi akukho okungaphezu kwalokho okwashiwo, ukuthi, kwaze kwaba indoda iyaphila futhi, futhi yasukuma yema ngezinyawo zayo. Futhi lonke idolobha lahamba sengathi liyaphiyaza ngakho, lokho iNkosi eyayikwenzile.

12 Futhi-ke, kusobala, kweminye imihlangano. Futhi udaba olulodwa oluncane engingathanda ukulucaphuna nje, kungesikho ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, kodwa bekuseLos Angeles muva nje. Bengihlala noMfowethu Arganbright.

13 Futhi iningi lenu liyazi ukuthi kunjani ezindaweni, abantu beshaya ucingo. Kunabantu abadingayo. Asibalahli abantu ngokushaya ucingo nokufuna umkhuleko. Lokho kungumsebenzi wethu, ukukhulekela labo bantu.

Futhi kwakukubi kabi lapho, ngoba sasinezinto eziningi ezinhle iNkosi uNkulunkulu eyayizenzile. Futhi, eyodwa,

kwakukhona indoda eyayikhubazekile, yayisikhubazeke iminyaka engamashumi amabili nokuthile, futhi ilele ohlakeni lwayo. Futhi iNkosi uNkulunkulu yamphulukisa umuntu, futhi weza ehamba evela emhlanganweni. Futhi lokho kwaqala isiyaluyalu esincane phakathi kwamabandla.

14 Khona-ke, ngokunye ukusa, ngezwa ucingo lukhala. Futhi uMfowethu Arganbright, engangihlala naye, wayengekho nje ngaleso sikhathi, ukubamba ucingo. Ngase ngibamba ucingo ngase ngiluphendula, futhi kwakuyi—isithunywa senkolo esincane saseMexico. Futhi sathi, "Bengingakwazi ukuthi—ukuthi ubusedolobheni, Mfowethu Branham." Sathi, "Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi uzoba nomhlangano kulobubusuku, ezansi ndawo ndawo ngaseCow Palace." Futhi wathi, "Nginomfana omncane ongakabi nezinyanga ezinhlanu." Futhi wathi, "Uyafa, ngumdlavuza." Futhi wathi, "Ngiyazi akusilo isiko ukwenza lokhu, kodwa," wathi, "ungatholakala yini umusa, ukuthi ungeza bese ukhulekela umfana omncane na?" Cabanga, kuthiwani ukuba lowo bekungumntwana wakho na?

15 Futhi ngi—ngathi, "Ngizocela uMnu. Arganbright eze ocingweni, futhi ngitshele nje, ake. . .ngimqondise lapho isibhedlela, ngoba angilazi idolobha kahle kangako." Amamayela ayi-skwele angamakhulu amane edolobha; angikaze ngisithole isibhedlela.

UMnu. Arganbright weza. Wathi, "Mfowethu Branham, u. . ."

Ngathi, "Ngizizwa ngiholelekile impela ukuthi lokhu kungoMoya oNgcwele."

16 Ngakho-ke sehla saya edolobheni, futhi lapho siye esibhedlela. Nomfowethu waseMexico, yize wayengemnyama, engekho mnyama kunami, futhi engumuntu olingana nami ngeminyaka. Futhi unkosikazi wakhe kwakungowesifazane waseFinland, omhloshana, inenekazi elithandekayo. Futhi wayengumnumzane. Futhi sangena esibhedlela.

17 Futhi, o, ngibona ukubuka okuningi, sonke siyazenza, okusiphazamisayo futhi kulethe amadlingozi ethu, kodwa lokho kwakungokunye okubi ukwedlula konke engake ngakubona. Kwakudingeka balethe umfana omncane e. . . eduze kwegumbi labahlengikazi, nomhlengikazi oyosipesheli. Futhi, ngenkathi ngibheka, umdlavuza wawususabalalise imihlathi yakhe emincane, kude kangako, kwakudingeka bazongolezise indwangu ekhanda lakhe, ukugcina ukuthi ungaqhumisi ikhanda lakhe livuleke. Nemihlathi yakhe emincane, lapho udokotela wayezamile ukusika umdlavuza, futhi wenza izitishi ezinkulu, emuva naphambili, *kanjena*, yonke indlela kuzungeze umphimbo wakhe omncane. Futhi *kwawukhulisa ngesivinini* nje umdlavuza, futhi ngangiwubiza ngalelo gama, okwawu "sabalalisa," igama elifanele bekungaba

yilelo. Futhi wangena olimini lwakhe oluncane, nomlomo omncane wengane, kungengaphezulu kobubanzi *obungako*, ulimi oluncane lwaluvuvukele lwase luphuma cishe kude *kangako*, futhi lwaba mnyama, okungukuthi luvala umoya lapho ephefumule phansi ngamakhala akhe.

18 Futhi lowo babayi wahamba wazungeza, ohlangothini lwalengane encane, wayesethi, "Sawubona, Ricky." Wathi, "Mfana omncane kababayi! Ubabayi ulethe uMfowethu Branham ukuba azokukhulekela, Ricky." Futhi ingane encane yamazi uyise.

19 Futhi—futhi ibingenakho ukuphefumula phezulu *lapha*, ngakho-ke babefanele basike imbobo emphinjeni wakhe. Kwakukhona okuncane, kwakubukeka nje njengempempe encane esasivame ukuyisebenzisa eminyakeni edlule, wayisemphinjeni wakhe omncane. Futhi yayibamba umoya wakhe ngaleyo mpempe. Futhi umhlengikazi kwakudingeka ahlale lapho ngaso sonke isikhathi ngoba umdlavuza, ukukhipha uketshezi, wawungavumela . . . kuvale ngci le mbobo encane. Futhi wayezofanele akudonse akukhiphe, *kanjalo*, ukukhipha okusaketshezi komdlavuza ovela emdlavuzeni. Nezingalo zakhe ezincane zazisezintanjeni, ukuze angakwazi ukukubamba *lokhu* ngezandla zakhe, ukuze akukhiphe lapho kwakumklinya. Futhi unesi lapho ngaso sonke isikhathi. Lapho eqala ukuklinyeka, wayefinyelela phansi, bese ethatha izinto bese edonsa izinto zomdlavuza ziphume empempeni yakhe encane lapho iza khona ngomphimbo wakhe.

20 Nezandla zakhe ezincane, *kanjena*, zifinyelela kubaba wakhe, ikhanda lakhe elincane emuva. Futhi okwakhe okuncane . . . Awu, singabafowethu nodadewethu. Inabukeni lakhe elincane, kwakungelona . . . Ingane encane, ngakho konke, wayengemude *kangako*. Ingakabi nezinyanga ezinhlanu ubudala, futhi leyonto encane yambona ubabayi wayo! Futhi wathi, "Ricky, mfanyana kababayi!" O, kanjani, kuncibilikisa nje inhliziyo yendoda yensimbi. Futhi wayezama ukudlala nayo, noma ukuyiphulula, *kanjena*.

21 Futhi mina, ngimi lapho, ngacabanga, "Nkosi Jesu, uma Wena unguMthombo wakho konke ukuzwelana, nawo wonke umusa ulele ngaphakathi kuWe, Ubungayithola yini intokozo ngokubona lesi sithandwa esincane silele lapha, sifa kanjalo na? Angikholwa nje, futhi angisoze ngakholwa, ukuthi leyo yi—ukuthi leyo yintando kaNkulunkulu uSomandla, ukubona okunjalo." Ngacabanga, "Wena unguMthombo womusa. Futhi uma UnguMthombo womusa, khona-ke Wena ungaba kanjani, Ungaba uNkulunkulu onesihawu futhi uthokozele ukubona into efana naleyo na?" Ngacabanga, "Ubuzokwenzenjani ukube Wena ubumi lapha na?"

22 Awu, ngiyethemba ukuthi iqembu lami elincane lapha lingazi kahle ngokwanele, ukwazi ukuthi uma ngingoshisekela ngokweqile angikwazi. Uma kukhona noma yini engifuna ukuba yikho, ngukwethembeka. Lapho ngihlangana noNkulunkulu, ngifuna ukuhlangana naYe ngenhliziyo eqotho, futhi ngenze konke okusemandleni engikwaziyo ukukwenza.

23 Kodwa Okuthile kwakhuluma nami ngenkathi ngithe, "Nkosi, Ubuzokwenzenjani ukube Ubumi lapha na?" Kukhona Okwakungiphendula, kwathi, "Ngilinde ukubona ukuthi uzokwenzenjani."

24 Futhi lapho ngisabuka leyonto encane, ngathatha isandla sayo esincane sengane, sengebanzi *kangako*, ngase ngisifaka eminweni yami, *kanjena*, ngasibamba. Ngase ngithi, "Ngokukholwa kuNkulunkulu, ngibeka phakathi kwalomdlavuza nengane, iGazi leNkosi uJesu Kristu," ngase ngiphenduka nje futhi ngaphuma. Ubaba weza nami. Angibange ngisakwazi ukusho.

25 Futhi ngafika emotweni, wayesethi, "Mfowethu Branham, nakhu okweshumi okuncane ebengikulondolozela khona."

26 Ngathi, "O, mfowethu onesihe, ungakwenzi lokho." Ngathi, "Qhabo. Angiyithathi imali."

27 Wathi, "Kodwa lokhu okweshumi okuya enkonzweni." Wathi, "Ngikulondolozile, bengicabanga ukuthi ngiyokubona ngelinye ilanga."

28 Ngathi, "Kubeke esikweletini sikaRicky omncane phakathi lapho." Ngathi, "Yena, uzokudinga lokho." Futhi ngakho-ke ngaqhubeka ngakhuphukela endlini.

29 Futhi kungakapheli amahora amabili kusukela ngaleso sikhathi imihlathi emincane yayisibuyele emuva, ngokujwayelekile, ulimi lwabuyela phansi emlonyeni wakhe. Umusa onothando kaBaba onomusa, uBaba othandayo wayebone kufanelekile ukuthi aphulukise ingane. Ngokusa okulandelayo, ingane yayizothunyelwa ekhaya, ngokwengane ephile kahle.

30 Futhi njengoba bengilungiselela ukuhamba . . . Kusobala, lokho kwasabalala iWest Coast. Futhi lapha omunye udokotela odumile wayethumele umzukulu wakhe emuva le ngaleya emva kwePasadena, futhi wabeka isivimbamgwaqo lapho, ukukhulekela lowomntwana; lapho ayeyinike khona umjovo kazifozonke, wabangela umdlavuza ukuba ungene ohlangothini lwayo, ingane encanyanyana, ethi ayibe nemibili.

31 Futhi ngakho-ke lesi esincane, isithunywa senkolo saseMexico sashaya ucingo, futhi sathi, "Ngi—ngifanele ngibone uMfowethu Branham ngaphambi kokuba ngihambe." Futhi unkosikazi nami sasesivele sisemotweni.

32 Futhi ngangibambe inhlanzi, eminyakeni embalwa eyedlule, ezansi eRiver of No Return, kanye neChristian Business Men. UWalt Disney, lelo qembu laphaya, lalinakho, umhlinzi wezinyoni nezilwane, ngoba liyirekhodi lomhlaba, lenhlanzi irainbow. Futhi ngangiyilungisa emotweni.

33 Futhi kwakukhona i—inqola isiteshini-wagoni esincane esaya phezulu, ngemuva, futhi kwagxuma kwaphuma lo omncane, ubaba waseMexico. Nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, lapho egijima ekhuphuka futhi wahlwitha isigqoko sakhe; nonkosikazi wakhe omncane waseFinland. Futhi wathi, "Mfowethu Branham, nakhu lokho okweshumi iNkosi ekuthumele khona."

"O," ngathi, "mfowethu!"

Wathi, "Uyazi, uRicky uya ekhaya namuhla."

34 Futhi ngathi, "Ngiyabonga ngalokho." Yena. . .Ngathi, "Kodwa ngikutshelile ukuthi thatha o—okweshumi futhi—futhi ukufake esikweletini sikaRicky."

35 Wathi, "Yilokho nje ebengifanele ngikutshele ngakho, Mfowethu Branham." Wathi, "Ngesikhathi ngiyokhokhela udokotela, kulokhukusa, ngibeke lena, lemali ngaleya kuye. Ngathi, 'Dokotela, ngifuna ukukukhokhela esinye sesikweletu.' Wathi, 'Mnumzane, ungakubaluli ngisho nokukubalula kimi. Awungikweleti lutho.' Wathi, 'Leyo yinto enkulu kunazo zonke engake ngayibona yenziwa empilweni yami yonke.' Wathi, 'Lezo yizehlo zezehlo!' Wathi, 'Awungikweleti upeni.'"

36 Kuvele kukhombise nje ukuthi uNkulunkulu ophilayo usaphila. Futhi manje ngaphambi kokuba sivule elaKhe. . .O, kuningi okunye okwenzekile. Ngifisa sengathi benginesikhathi sokunitshela, kodwa isikhathi ngeke sikuvumele.

37 Futhi manje, ngemuva nje kokuqala konyaka, uJanuwari, ngiya phesheya kwezilwandle futhi. Okwe. . .Ngizoba seKingston, eJamaica, e—emizileni yemijaho, kaJanuwari, futhi ukusuka lapho ngiya ePuerto Rico, kanjalonjalo.

38 Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, emkhulekweni, kuKristu wethu omkhulu, onothando.

39 O Nkosi, ube yisiphephelo sethu kuzo zonke izizukulwane. Wena ulusizo olukhona ngesikhathi sokuhlupheka. Futhi ukwazi ukuthi uBukhona baKho obunothando abuhluleki neze, Buhamba phambi kwethu. Futhi sifundiswe ukuthi iziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo abaMesabayo.

40 Zilethele phezu kwethu, namuhla, Nkosi, lokho kwesaba kokuhlonipha uNkulunkulu, ukuze sazi ukuthi siyizikhonzi zesandla saKho, futhi sizokuma ngolunye usuku ekwahlulelweni kwaKho kobuNkulunkulu. Futhi linye kuphela ikhambi esilaziyo, nokuthi iZwi laKho lifundisa ngalo, lelo yiGazi leNdodana yaKho uJesu, elisinxuselayo, kulokhukusa,

eBukhoneni bukaSomandla, lisiletha ekubuyisaneni naYe, ngokufaneleka kwaKhe. Bese kuthi-ke sinikeziwe, umusa ongasifanele, futhi siyaMthanda ngalokhu. Futhi njengoba thina . . .

41 Emiqondweni yethu kulele amakhulu ezinto ezinkulu Ozenzile. Futhi okukhulu kunakho konke, esingakucabanga, kulapho Wasisindisa khona empilweni yokufa, lapho kithi kwakuhlala khona ukufa ngenxa yesono namacala. Kodwa ngokwamukela ukuxolelwa kwaKhe, ngokweZwi laKhe . . . Ngokuba kulotshiwe ukuthi, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe ONgithumileyo, unokuPhila okungafi." Futhi siyaLikholwa, futhi saLemukela, futhi sifakaza uBukhona bukaMoya oNgcwele.

42 Futhi manje kulobu bubi bokugcina, amahora okugcina omlando walomhlaba, sinokubonga kuWe, O Nkulunkulu, ukukwazi ukuthi; lapho kunokudideka okuningi kwengqondo, "Nabantu begijima emuva naphambili," njengoba Ushilo ngabaprofethi abangcwele, ukuthi, ngalolusuku, "kuyofika isikhathi lapho abantu beyovela eMpumalanga, bevela eNtshonalanga, iNyakatho neNingizimu, befuna ukuzwa iZwi likaNkulunkulu leqiniso." Futhi siphilile ukuba sibone leso sikhathi.

43 Futhi Ubikezele ukuthi kuyoba nesikhathi, kusukela ekubethelweni kwaKho kuze kube sekuFikeni kwaKho, "Usuku olungeke lube ubusuku noma imini. Kuyoba yisikhathi esidabukisayo, oluyisigayegaye," ukuKhanya okwanele nje ukubona ukuthi uzungeza kanjani. Kodwa Wena wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ukuKhanya," iNdodana efanayo, uKristu ofanayo, ovuka enkundleni eMpumalanga. Futhi ngokomumo wendawo, ilanga linqamula ingxenye evundlile yomhlaba, futhi manje lishona eNtshonalanga, kodwa yilanga elifanayo eliphume eMpumalanga. Injalo-ke neNdodana kaNkulunkulu efanayo ethumela uMoya waYo kulezi zinsuku zokugcina, ukukhombisa ukuthi imiBhalo yaKhe ngeke yephulwe, ngaMunye makagcwaliswe.

44 Ngobusuku obandulela lo Khisimusi omkhulu, lapho, sazi okuncane kodwa lokhu kungaba okokugcina kwalokhu esizohlala sonke ndawonye. Futhi sizocela ukuthi iNdodana kaNkulunkulu ophilayo izohlala phakathi kwethu kulokhukusa, futhi ikhulume kithi umusa waYo nesihe saYo, futhi isinike ukuxolelwa kwezono zethu.

45 Futhi besingeke sikhohlwe, Nkosi, labo abahluphekileyo nabadinga ukuthinta kwaKho okuphulukisayo, uNkulunkulu ofanayo Ovumela uRicky omncane ukuba aphile, wabuyisa abafileyo, njengoba Wena wethembisa ukuthi Wena uyokwenza ngosuku lokugcina. NamaZwi aKho ayiqiniso. Sikholwa ukuthi Wena ulapha kulokhukusa, osezindaweni zonke, futhi uzimisele

kakhulu ukwenza okukhulu ngokwedlulele, ngaphezu kwakho konke esingakucela noma sikucabange. Silindele Wena, Baba, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho. Amen.

46 Manje, kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, ngifisa ukuba nenkonzo yokuvangela. Angazi nje impela ukuthi uMlayezo wami uzoba kuphi, njengoba umelusi wethu onomusa kakhulu futhi othandekayo engicelile ukuba ngibe nezinkonzo ezimbili namhlanje. Futhi ngizokuzama lokho, ngomusa kaNkulunkulu. Futhi ngifuna ukukhuluma ngoMesiya ozayo, noma into ethize yalolo daba, yanamuhlanje kusihlwa, noma leyo nqubo.

47 Kulokhukusa, njengoba bekunguKhi-. . . ngeSonto ngaphambi nje kukaKhisimusi, ngizothanda ukukhuluma ngento engikholwa ukuthi abancinyane, abasanda kukhishwa futhi bathathe izindawo zabo ebandleni, bazokwazi ukuqonda; kokuncane, esingakubiza ngokuthi, umbhalo kaKhisimusi.

48 Futhi nina enifisa ukuphenya imiBhalo engcwele, nizophenya nami eVangelini likaMathewu oNgcwele, isahluko se 2, njengoba sifunda iZwi laKhe.

49 Futhi ningakhohlwa, izinkonzo zizoqala ligamenxe elesikhombisa. Kunjalo, akunjalo, mfowethu na? [UMfowethu Neville uthi, "Ligamenxe elesikhombisa. Yebo."—Umhl.] Ligamenxe elesikhombisa, impela, kulobubusuku. Futhi kuzoba cishe yinkonzo yehora, inkonzo yokushumayela.

50 Futhi manje nina eninamaBhayibheli enu evuliwe, ngithanda nje ukufunda ivesi noma amabili kulokhu, okwe—indikimba, bese ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu asinike ingqikithi.

> *UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya* yenkosi. . . *emihleni kaHerode inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema zivela empumalanga.*
>
> *Zithi, Uphi lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? ngokuba sibonile inkanyezi yakhe kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye.*

51 Kufanele ukuthi zazikhathele kabi kabi. Niyabo, u—umyalo wawuphuthuma. Futhi kwakungumyalo wenkosi, ngakho-ke kufanele wenziwe. Futhi kungabonakala kungajwayelekile, ukuthi isigcawu esihle kangaka njengoba sibheke kuso, uKhisimusi wokuqala, ukuthi umyalo onjalo uyokhishwa ngaleso sikhathi. Kodwa, niyazi, uNkulunkulu weZulu umisele ngaphambili zonke izinto, ngoJesu Kristu, nokuthi konke kufanele kusebenze nje ngokwentando yaKhe enkulu. Futhi njengoba babemi lapho, ohlangothini olusentshonalanga nje lweBhetlehema.

52 Lapho usakhuphuka, usuka ezansi ungene eJudiya, uphakamela phezu kwentaba, nogwadule olunamadwala, izwe eliyincithakalo. Futhi ophuma komunye wemigwaqo emikhulu

yaseBetlehema, kunendlela yezinyawo encane ekhuphukela ngaleya kwentaba, ebizwa ngomgwaqo, futhi ayisiwo umzila nje omncane njengoba besingathola lapha, lapho izilwane zinyathele khona. Ngoba, kwakuwumzila wezimbongolo, lapho izimbongolo namakamela kudlula khona, kwehlela eJudiya, kuphuma eBhetlehema.

53 Futhi njengoba uphezulu, uvela eJudiya, ukhuphuka ungena eBetlehema, futhi ubhobokela ngaphezu kwesiqongo segquma, kukhona idwala elikhulu elile lapho, cishe ingxenye eyodwa kwezintathu yobukhulu balesi sakhiwo. Futhi kufanele ukuthi kwakukhona ngalapho, lapho babeme khona, ngemuva kokuqwala igquma, ukuphumuza umnyuzi omncane. Futhi uJosefa wayekhathele kakhulu ngoba wayedudulwe kanzima ngalolo suku, ukuze afike eBetlehema.

54 Ngoba, kwase kuphume isimemezelo esivela kuHerode noKesari Awugustu, sokuthi wonke umuntu kumele abuyele endaweni lapho bazalelwa khona, ukuthela izintela. Futhi intela bekulokhu kuyincithakalo yazo zonke izizwe. Zonke izizwe ezake zawa, sawa ngezintela zaso. Futhi babetheliswe intela.

55 Futhi, o, bekuyothatha indoda enenhliziyo yensimbi, ukubangela owesifazane, esimeni sakhe, ukuthi akhishwe endlini futhi asuswe ekhaya, esesimeni sakhe, ngoba uyabona ukuthi wayezoba umama nganoma yisiphi isikhathi. Futhi wayethi akabe intombazane nje, cishe . . . okukholakala ukuthi wayeneminyaka yakhe eyishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye ubudala. Futhi wayehlezi embongolweni encane, futhi ngenkathi imbongolo encane ibubula lapho bema ukuphumula umzuzwana nje.

56 Futhi uJosefa udlulela emaphethelweni, ukusuka lapho babemi khona, futhi ubheka ezansi eBhetlehema. Umhlaba wawungazi ukuthi lobo busuku buzoculwa ezindebeni zabantu kuyo yonke iminyaka eyayizoza! Futhi uJosefa, ngenkathi ebuka futhi ebheka umuzi, nokuxokozela kwabantu, abanye bemelene nokukhokha izintela zabo, futhi ngingamuzwa esho into enjengale, "S'thandwa, uyazi, ngiyangabaza ukuthi noma sizoyithola indawo ehhotela, kulobubusuku, ukwenzela wena. Ngiyababona abantu belele ezitaladini futhi noma kuphi lapho bengathola khona, ukuba balale. Umuzi uminyanisiwe. Futhi zonke izifunda ezakhele, sezingenele lokhu kuthela intela."

57 Kodwa, kuyamangaza, njengoba ephenduka ngokumangala, ukubheka, unkosikazi wakhe omncane ubonakale engakwazi ukuphendula. Futhi lapho ephendula ikhanda lakhe, ukubona ukuthi kwakwenzakaleni kuye, waqaphela ukuthi kwakukhona ukukhanya ebusweni bakhe, ngendlela ayengakaze abone ngayo ngaphambili. Futhi ngaphansi kwebunzi lakhe elithandekayo, amehlo akhe abukeka ebheke phezulu, ebheke ngasesibhakabhakeni, sengathi kwakukhona ukukhazimula

kwasezulwini ebusweni bakhe. Futhi uyaphenduka futhi amthinte ngesandla.

58 Futhi ekugcineni uyambuka, bese ethi, "Josefa, uyiqaphelile leyoNkanyezi ilenga ngaleyana na? Kubonakala sengathi yinkanyezi enhle kunazo zonke engake ngazibona empilweni yami yonke. Kubonakala sengathi ikhanyisa isigodi saseBetlehema." Futhi ngiyamuzwa ethi, "Selokhu ilanga lishonile, ngiyiqaphelile leya Nkanyezi, futhi Kubonakala sengathi ibisilandela."

59 UJosefa, ngiyamuzwa esho into ethile enjengale, "Yebo, s'thandwa, ngi—ngiyakubona okuthile okuyinqaba, ngoba Kubukeka sengathi yinkanyezi ekhanya kunazo zonke kuwo wonke amazulu." Futhi ngokweqiniso lokho kunjalo.

> Ungumnduze weSigodi, iNkanyezi yoKusa,
> (njengoba imbongi yakubeka)
> Omuhle kunabo bonke abayizinkulungwane
> eziyishumi emphefumulweni wami.

60 Futhi lapho ethatha izandla zakhe, ngesisa, ngasezithweni nokhalo lwesithandwa sakhe esincane, nonkosikazi, wamphakamisa wamsusa embongolweni, wamqukula, wase emhlalisa phansi edwaleni, ukuze isilwane esincane somthwalo singaphumula.

61 Futhi lapho ebeka izingalo zakhe ngesisa ngasemahlombe akhe, ngiyamuzwa esho okuthile okunjengalokhu, "Josefa, sobabili siyazi ukuthi konke lokhu akuqondakali. Asikwazi nje ukukuqonda. Kepha, sobabili singamakholwa, siyazi ukuthi kukhona uJehova akubekile. Nokuthi Usikhethile; futhi ungikhethile, ngaphezu kwabesifazane bezwe namuhla, ukuba ngithukuse lo myalezo enhliziyweni yami." Niyabo, umhlaba wawucabanga ukuthi lewo kwakungumntwana oyivezandlebe ozozalwa, kepha uMariya wayekwazi okwakuyiqiniso.

62 Futhi, namhlanje, abantu abaningi bacabanga into efanayo, ukuthi, "Abantu abamukele lo Kristu," bacabanga ukuthi, "bangabantu abathile abawuhlanya, noma umuntu wodumo olubi." Kodwa labo abagcwalise lowo Moya nalolo Kholo ezinhliziyweni zabo, bayazi lapho bekhona. Akukho okuphazamisa Lokho.

63 Umngani wami omuhle wangishayela ucingo ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi wayekhuluma nomuntu ofunda izifundo zesayense ephathelene nengqondo ne—ne—nengqondo. Futhi lo muntu wayeyifundile incwadi yami, futhi bathi, "Uma eyindoda kamoya, uyazi ukuthi kunentambo eyodwa nje eyodwa phakathi kwabantu abajulile bakamoya nobuhlanya na?" Futhi umuntu kuphakathi kokuthi wayethukile.

64 Ngathi, "Ungacabangi ukuthi lokho kuyaxaka. INkosi yethu kwathiwa iyahlanya. Bonke abafundi baYo kwathiwa bayahlanya. Futhi bonke abaMkhonzayo kwathiwa bayahlanya.

'Ngendlela ebizwa ngokuthi ngukweduka,' kwasho uPawulu omkhulu, 'nami ngimkhonza kanjalo, uNkulunkulu wawobaba.'" Abahlanyi. Kepha, izwe, ukushunyayelwa kweVangeli kungubuwula kulabo ababhubhayo. Kodwa kwamjabulisa uNkulunkulu, ngalobu buwula, ukusindisa labo abazokholwa.

65 Futhi ngenkathi bona, lezi zithandani ezincane, zihlala lapho futhi zabuka phandle ngaleya kwalezo isigodi, zase zibona leNkanyezi enkulu ikhanya eMpumalanga; le, amakhulu amamayela ngaleya kwalokho, emuva phandle ngaleya kwezintaba, nezilwandle, ngaleya eNdiya, kwakukhona oMegi bebukela nabo.

66 Manje, lezi zazi esikhuluma ngazo, zazibizwa . . . ZingoMegi ngempela, okuyizazi zezinkanyezi ezibhekisisa izinkanyezi. Zazizwa ngaleso sikhathi ngokuthi, "izazi." Futhi zisekhona nanamuhla. Ngikhulume nazo, kaningi. Futhi zihlala zihamba ngazintathu, ngoba abathathu kumele bavumelane. Futhi okuthathu kuyisiqinisekiso. Futhi eNdiya, muva nje, ngiyozibona zihleli ezitaladini, ziququbele ndawonye, zigqoke ncamashi nje njengalaboMegi basekuqaleni. Azishintshi.

67 Futhi zingabakhonzi bakaNkulunkulu oyedwa weqiniso. Zingabantwana baka-Abrahama, ngomunye unkosikazi. Futhi zikholwa ukuthi kunoNkulunkulu oyedwa weqiniso. Kukangaki ngibona abapristi bakwaMohamede beshaya leyonsimbi enqenqezayo enkulu *kanjalo*, bese bememeza, "Munye uNkulunkulu weqiniso ophilayo, noMohamede ngumprofethi waKhe."

68 Thina sithi, "Munye uNkulunkulu weqiniso nophilayo, futhi uJesu uyiNdodana yaKhe."

Futhi bathi, "Makube kude noNkulunkulu ukuba neNdodana!"

69 Ngaba nenhlanhla yokubona abacishe babe yizinkulungwane eziyikhulu beza kuKristu, ngasikhathi sinye, ngenxa yoBukhona baKhe nalokho Akwenza eNdiya.

70 Manje, amaNdiya, esiwabiza ngezazi, ayengabokuqala, eBhayibhelini, abamelwa njengamaMede-o-Pheresiya. Uzokuthola esahlukweni sesibili sikaDaniyeli. Lokho, yingaleso sizathu isithunywa senkolo sithi, "Kunzima kakhulu ukuphendula okaMohamede enkolelweni yakhe, abe ngumKristu ngoba bavela kumaMede-o-Pheresiya amadala imithetho yawo engaguquki noma yephuke. Abaningi benu bafundi beBhayibheli niyakwazi lokho, amaMede-o-Pheresiya, ukuthi abayishintshanga imithetho yabo. Lapho into ethile, isimemezelo senziwa, sasihlala phakade. Ngakho-ke lapho okaMohamede ebhobokela ebuKristwini, konke kufile kuye, ngoba wephule imithetho yabo.

71 Futhi lawa madoda, ayelindele uNkulunkulu oyedwa weqiniso, futhi aMkhonza ekukhanyeni komlilo ongcwele. Futhi babezungeza le mililo bese belinda eNkosini. Futhi iningi lazo lalinendawo yokubuka, okuthile okufana nesinakho namhlanje, futhi babeya kulezi zindawo phezulu le ezintabeni, futhi babebheka wonke umnyakazo wezinkanyezi. Basho, ukuthi, "Ngaphambi kokuba uNkulunkulu enze noma yini emhlabeni, Uhlala ekukhombisa ezulwini kuqala." Futhi baqinisile.

72 Njalo, uNkulunkulu ukukhombisa ngezibonakaliso zasezulwini, kuqala. Kusukela nini lapho Enza noma yini Angakhombisanga isibonakaliso sasezulwini, kuqala na? Cabanga ngakho, kuyo yonke iminyaka oyifisayo, futhi uNkulunkulu uhlala ekhombisa izibonakaliso ezulwini, kuqala, ngaphambi kokuba Enze noma yini emhlabeni. Kuvela kokungaphezu kwemvelo, kuqathakele kokwemvelo, futhi kuyabonakaliswa; yonke iminyaka, ngaso sonke isikhathi.

73 Futhi ngakho-ke lesi sikhathi sasingehlukile. Futhi oMegi babebuka leyo mizimba yasezulwini eyayibonakala, izinkanyezi, izinyanga, nakho konke ababengakubona ngamehlo abo. Futhi babazi zonke izikhundla, lapho kuhlala khona zonke izinkanyezi. Babelazi lelo khalenda lesayensi yezinkanyezi njengoba siyazi imiBhalo. Futhi uma into eyodwa encane ingekho ekubumbekeni, bayayazi, ngoba iyisibonakaliso. Futhi babebuka lezo zibonakaliso, eduze, njalo ngehora lobusuku. Bayayibuka. Akumangalisi ukuthi isiHambi sibonakala ezibhakabhakeni siyobenza bakhathazeke bonke! Akumangalisi-ke ukuthi isiVakashi sabanyakazisa, kancane! Ngoba, babazi zonke zalezo zinkanyezi, futhi bazifunda, ngokwesayense, nakuyo yonke iminyakazo.

74 Futhi babeyohlangana bazungeze lo mlilo. Futhi babewokhela ngamafutha angcwele, futhi wawuvutha, futhi babebuka phakathi lapho, ngoba babekholwa, ukuthi, "uNkulunkulu wayenguMlilo oqothulayo." Futhi Unjalo.

75 Uyabona, eZenzweni, isahluko se 10 nevesi lama 35, umBhalo uthi, "UNkulunkulu akabheki ubuso umuntu, kodwa Wamukela abantu banoma ngubani abazoMesaba futhi abazoMhlonipha, noma ngabe bayini." Yinina maMethodisti, namaBaptisti, namaPresbyterian, amaLuthela, noma—noma amaKatolika, noma ungahle ube uyini. Uma uqotho enhliziyweni yakho, uNkulunkulu uzokunika ithuba, ukukuletha ekuKhanyeni kukaNkulunkulu komusa waKhe. UnguNkulunkulu, futhi ubophezelekile ngesithembiso saKhe. Manje-ke kukuwe, ukuthi wenzani emva kokuthi sewuKwemukele; lapho-ke ungamela ukwahlulela. Kepha kuze kube yileso sikhathi, awunacala, uhamba kukho konke okwaziyo.

76 Ngakho-ke laba oMegi, futhi babeyokhuphuka, ngemuva kokukhuleka ngasethempeleni elingcwele lomlilo, lapho livutha, futhi bebuka amalangabi alo angcwele, futhi bezibuza ukuthi ngabe ukuphefumulelwa kwalowoNkulunkulu OwayenguMlilo oqothulayo. . . "UBukhona baKhe, umhlaba uyoshabalala." Lapho ebheka kulokho, khona-ke wayezothola ukuphefumulelwa kwakhe. Khona-ke wayehamba akhuphuke angene embhoshongweni, futhi wayeqalaza nxazonke, ukubona ukuthi ngabe kukhona yini okunyakazile. Futhi babenze lokhu, unyaka emva konyaka, usuku emva kosuku, ihora emva kwehora, iminyaka eyinkulungwane emva kweminyaka eyinkulungwane. Babheka izinkanyezi, imizimba. Babekhipha imibhalo egoqwayo futhi babeyifunda.

77 Futhi kufanele ukuthi kwakungalobu busuku obuthile, lapho bebekade bedingida mayelana no—kuwa kombuso omkhulu nokuhlakazeka kwemibuso, nokuthi umhlaba ubusukhuphukele kanjani ezindaweni futhi wahlakazeka futhi, kanjalonjalo, ukuthi kwaba khona umbhalo ogoqwayo owakhishwa. Futhi kufanele ukuthi kwakuyiNcwadi kaDaniyeli. Futhi babedingida okuthile lapho, ukuthi uDaniyeli wathi, "Kuzoba neTshe eliyoqheshulwa entabeni, kungengazandla."

78 Futhi kufanele ukuthi kwaba ngenkathi besacabanga ngalokhu, nemililo engcwele ivutha, lapho kwenzeka ukuthi baqaphela ukuthi kwakukhona isiHambi phakathi kwabo, into ethile ababengenakuyiphendula. Akukho mibhalo egoqwayo yabo eyakhuluma ngaYo. Akukho namunye wemibhalo yabo owasho lutho ngaYo, kodwa nakho la Yayikukhona! Babengeke baYiphike. Babuka imizimba yasezulwini, futhi bazi ukuthi kukhona okungaphezu kwemvelo okwenzekile.

79 O, Muhle kakhulu! Uzobamba ukunaka kwawo wonke umuntu Omiselwe ukuPhila, mhlawumbe ngezindlela zabo zokukhulekela. Kepha UnguNkulunkulu, futhi Uyazazi izinhliziyo zabantu, futhi Uyababheka, futhi Uyabavikela, futhi Ubaletha endaweni! "Uma utwa lubizana noTwa," kuzofanele kube noTwa oluphendula kulolo bizo. Uma indoda yomele okuthile, kukhombisa ukuthi kukhona Okuthize phandle lapho okuzophendula, ukucima lokho koma.

80 Njengoba bengivame ukusho: ngaphambi kokuba kube khona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakukhona amanzi kuqala ayo ukuthi ibhukude kuwo, noma ngabe yayingebe nasigwehlo sokubhukuda ngaso. Ngaphambi kokuba kube nesihlahla esikhulayo emhlabeni, kufanele kube khona umhlaba, kuqala, noma bekungebe nasihlahla.

81 Eminyakeni ethile eyedlule, ngenkathi ngikutadisha, ngaqaphela esiqeshini sephephandaba, lapho umfana omncane edla khona amarabha amapensela esikoleni. Futhi

ngolunye usuku umama wakhe wamthola ngaphandle egosini elingemuva, edla isishovo sebhayisikili lakhe. Futhi wazibuza ukuthi kwakuyini indaba ngalomfana omncane. Wamyisa emtholampilo, ukuyoxilongwa. Ngenkathi behlola umzimba wakhe omncane, odokotela bathola ukuthi wayedinga isibabule. Futhi isibabule siserabheni. Ngakho-ke, ngaphambi kokuba kube khona ukuhala emzimbeni wakhe, isibabule, kwakufanele kube nesibabule ukuphendula kulokho kuhala, noma wayengasoze waba nokuhala.

82 Futhi ngaphambi kokuba kube khona indalo, kufanele kubekhona uMdali ukwenza leyo ndalo.

83 Yimuphi owesilisa noma owesifazane ophakathi lapha namuhla, umfana noma intombazane, ongalangazeleli impilo na? Ngitshele umuntu ofayo, namuhla, ongakulangazeleli ukuphila, ukuba aphile ingunaphakade, futhi ngizokukhombisa umuntu ohlanyayo ongazi, ngokuba akukho okukhulu kunokuphila.

84 Ubunganikezelani namuhla, ukube ubungumnikazi womhlaba nazo zonke izimpahla zawo na? Ubunganikezela ngakho, ukuba uphile ingunaphakade, futhi ube mpofu. Ukuphila! Bangaki kini bantu abadala eninganikezela ngakho konke okungokwenu, ukuze nibuyele ebunsizweni noma ebuntombini futhi na? [UMfowethu Branham ungqongqoza epulpiti kathathu—Umhl.] Wonke umuntu uyakufuna. Ngani na? Kundawo ndawo, noma ubungeke neze ukuhalele.

Kungani nina bantu abagulayo niphakathi lapha, namuhla, uma ninjalo na? Nifuna ini na? Yini enenza nizele umkhuleko na? Ngoba kukhona okuthile kuwe! Akunandaba ukuthi ungowaliphi ibandla, uphawulwe ngaluphi uphawu, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Uyisidalwa esingumuntu. Uyisidalwa esingesikaNkulunkulu. Futhi kukhona Okuthile kuwe, okukudonsela kwenye indawo. Futhi ngokuqinisekile njengoba kukhona ukudonsa enhliziyweni yakho, emva kokuba udokotela mhlawumbe esekudelile, ukuthi asekhona amathemba. Kuzofanele kube nomthombo wengcebo kaNkulunkulu, waMandla aKhe aphilisayo, avuleke ndawo ndawo, kungenjalo awusoze waWuhalela. Kufanele ube kwenye indawo!

85 Uma ulangazelela ukubona lowo Jesu, uma okuthile kukwenza ulangazelele ukubona uJehova, Ukhona ndawo ndawo noma abungeke waba nalokho kulangazelela. UNkulunkulu ulunge kuwe njengoba Enjalo kwizazi noma kunoma ngubani. Uma ulangazelela Yena, "Babusisiwe abalambele bomele ukulunga, ngokuba bayakulethwa kulowo Mthombo lapho bengaphuza khona ingxenye eyenelisayo."

86 Kungenzeka kube nabantu abafayo lapha. Awufuni ukufa, uzizwa sengathi kukhona okuselele wena. Yingakho

wena ulapha. Kungenzeka kube nezinzwa zemizwa, lapho ungakwazi ngisho nokuhlanganisa ingqondo yakho; kodwa okuthile phansi kuwe kuyakutshela, “Kukhona Okuthize okungangibuyisela emuva ngqo futhi.” Kungahle kube nezifebe ezihambe esitaladini, zinamahloni; kungahle kube nabesifazane abake baphila ngokungalungile kubayeni babo, futhi bephula izifungo zabo zomshado; kungahle kube namadoda ayizimpuzi, enze konke okukhona ekhalendeni lesono; kodwa Okuthile kukutshela ukuthi kukhona uMthombo ndawo ndawo.

87 Ungahle ube ngumKatolika, ungahle ube ngumJuda, ungahle ube yinoma yini oyiyo, kodwa uyisidalwa esingumuntu esenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. Futhi Udonsela kuwe, ekubiza, futhi uyaholwa nje njengoba lezo zazi zaholwa.

88 Futhi lapho zitadisha, futhi zabuka ngaleya zase zibona lokho kuKhanya, azikwazanga ukuthola ukuthi Kwakuyini. Futhi ake sicabange ukuthi za . . . Ngakusasa balala phansi, ukuba balale. Zazikhathazekile, futhi zaqhubeka nokuKubuka. Futhi omuye wabo kufanele ukuthi waba nephupho, uBilidadi, singasho ukuthi waba nephupho. Futhi waphupha ukuthi kunesiphrofetho esathi, “Kuyovuka iNkanyezi kaJakobe. Futhi ndawondawo ngapesheya, phakathi kwamaJuda, kukhona ingane eyiNkosi ezozalwa. Futhi lokho kuKhanya enikubonayo manje kuzoniletha ekuKhanyeni okuphelele okuzokhanyisa wonke umuntu ofuna ukuKhanya, okuza emhlabeni.”

89 Niyabo, kungenandaba ukuthi yayikuphi inkolo, uma bemesaba ngempela uNkulunkulu, uNkulunkulu ubophezelekile ukukuletha kulokhu kuKhanya. Ukuletha ngendlela yakho uqobo.

90 Ngesinye isikhathi Ukuletha ngezinhlupheko. Ngesinye isikhathi Ukuletha . . . Niyazi, lolu izinsuku zokugcina, Waprofetha ukuthi kwakuzofika ngezinhlupheko. Wenza lesi sidlo sakusihlwa, kwase kuthi-ke aku—akufikanga muntu, Wayesethi-ke, “Iya ezindleleni ezibanzi nasezimpambanweni, futhi uthole izinyonga, izishosha, izimpumputhe, nabahluphekileyo, ngokuba amatafula aMi ayakugcwaliswa.”

91 Ubafuna kuzo zonke izinkalo nakuwo wonke amagumbi empilo, yonke indawo, ehamba ngoMoya kulezi zinsuku zokugcina, ebahlanganisa. Onke amahlelo, nabo bonke labo—labo abalangazelela impilo, banelungelo lokuKwemukela, ukuhamba eBukhoneni baKhe, boMuntu waKhe okhazimulayo, ngokuba UyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo, namanje iNkanyezi yoKusa ikhanya phakathi kwethu, njengalokhu Wayelokhu ekhanya njalo.

92 Lokho kuKhanya okufanayo okwashaya uPawulu phansi, endleleni yakhe eya eDamaseku! Eqotho enhliziyweni yakhe, ezama ukushushisa isigejane sabantu ababenomsindo kakhulu, bememeza, benza umsindo omkhulu kakhulu; wehla

ukuyobashaya phansi, futhi wayecabanga ukuthi wayekahle. Futhi kwakumi leyoNsika yoMlilo endleleni yakhe, eyamshaya wawela emhlabathini. Wakhala, "Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu," uJehova ayemshisekela.

93 Wayeshisekela uJehova. Wayengazi lutho ngoJesu, kuphela, "Wayengu—umenzi wobubi." Kodwa uNkulunkulu wamthuma, futhi waba yisithunywa senkolo esikhulu kunazo zonke izwe elake lasibona. Ngani na? Wayeqotho; wakholwa. UNkulunkulu wamhola ngokuKhanya.

94 Ucabanga ukuthi yini esenza sizizwe namhlanje, njengamaKristu, ukubona ngisho isithombe saKhe na? Futhi senginakho manje okuvelela kudlule lokho, ngamakhulu ezikhathi. Kepha lowo Jehova uNkulunkulu ofanayo uthumele ukuKhanya kwaKhe, ngaphambi kokuFika kweNdodana yaKhe ngokwesibili, ukuzosihola, ukusiduduza, nokusiletha kulowo Mthombo; ukuze sigeze izono zethu, futhi sihlanzeke ngokulunga kweNdodana yaKhe, iNkosi uJesu, futhi sibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, sizalwe kabusha ngoMoya kaNkulunkulu, oguqukayo.

95 UkuZalwa kusho ukuthi siguquliwe emcabangweni wethu, siguquliwe ezimweni zethu zokuziphatha, saguqulwa yinto ethile eyenzeka, ngaphakathi. Ayikho inkolo emhlabeni, akukho manzi anele, ayikho imikhosi eyenele noma izintshumayelo, ezingaguqula wena. Kuthatha iGazi leNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu. Angeke usakwazi ukuzihlanza, ngokujoyina ibandla, kunoma ingwe ingakhotha amabala ayo asuke kuyo. Lapho ikhotha kakhulu, akhanya kakhudlwana. Iyawaveza nje. Ngokujoyina amabandla futhi uzame ukwenza ukufaneleka okungokwakho uqobo, ukhombisa ukushoda kwaKho, indlala ngaphakathi, into engakagcwaliswa okwamanje. Yeka ukuzama; mukela nje. Ukuholela ekuKhanyeni.

96 Futhi njengoba laba bantu abanaleli phupho, lokuthi kufanele bakhonze le Ngane, bafanele bahambe. Futhi babengamadoda acebile. Futhi baqoqa izingcebo zabo base bezifaka emagugwini, enjengenhlaka, igolide, nemure. Abathathu bahamba, ukufakaza. Futhi babophela amakamela abo, futhi bahamba, belandela iNkanyezi. Kufanele ukuthi bakhuphukela ngaleya kwentaba, behla bawela uMfula iTigrisi ezibukweni, behlela esigodini saseShinari. Futhi iNkanyezi yayibaholela eJerusalema.

97 Ngokuba, iJerusalema belilokhu liyisihlalo senkolo somhlaba, ngokuba iNkosi enkulu yayihlala lapho. Kwakukulo muzi ofanayo, lapho kwakukhona iNkosi Eyahlangana no-Abrahama ivela ekubulaweni kwamakhosi, futhi iGama laYo kwakunguMelkisedeki. "Wayengenayise engananina; engenasiqalo sezinsuku, noma ukuphela kwempilo." Ngisho

ukhokho, u-Abrahama, wakhokha okweshumi, izishumi, kuYe. "Engenababa, engenamamama; kungenasikhathi Ake aqala ngaso, noma kungenasikhathi Ayoke aphele ngaso." YiNkosi enkulu evela eSalema, okwakuyiJerusalema.

98 NeNkanyezi yaholela lezi zazi ngqo esihlalweni senkolo somhlaba, kodwa, into ebuhlungu kwakungukuthi, ngenkathi befika lapho, babengazi lutho ngaYo. Futhi lezi zazi zehla zenyuka nezitaladi. INkanyezi, ngokushesha lapho befika eBetlehema . . . Ngokushesha lapho zifika eJerusalema, Yaphuma, ngakho-ke Ayibange isabahola. Wayenzani uNkulunkulu na? Ukukhombisa nje i . . . ukuthi abantu bangathola kanjani.

99 Nokho, kuyo yonke isayense yethu yezenkolo namabandla ethu amakhulu, no—nokunye nokunye, namhlanje, lapho ukuKhanya okukhulu kukaNkulunkulu sekuqala ukukhanya, ibandla alazi lutho ngaKho. Yini iVatican eyaziyo ngalezi zinto na? Yini izinhlangano zebandla ezaziyo na? Lutho! Sikomunye uKhisimusi.

100 Lawa madoda azi ukuthi ayebone okuthile. Azi ukuthi kwakukhona okwakwenzekile. Ngokuba, batadisha imizimba yasezulwini, futhi lapha kwakunesiHambi, futhi babeholwe ngokuxakile. Futhi manje, edolobheni, behla benyuka zonke izitaladi ezincane, bememeza, "Uphi Lowo ozelwe eyinkosi yabaJuda na? Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga."

101 Manje, babeseMpumalanga, babona iNkanyezi yaKhe eNtshonalanga. Kodwa bathi, "Ngenkathi siseMpumalanga," amakhulu amamayela. Niyabo, kubathathe iminyaka emibili ukwenza uhambo.

102 Ngiyazi ukuthi kwehlula isiqothu ezinye zezimfundiso zenu, kepha kuliQiniso. Kubathathe iminyaka emibili ukwenza uhambo. Abazange beze njengalabo okuthiwa amaKristu namhlanje, babenengane yabo encane emkhombeni ilele lapho, nazazi ziza. Umbhedo womKristu lowo. Abazange beze ezinganeni emkhombeni. Awukho umBhalo othi bakwenza. Bafika eMntwaneni omncane, eneminyaka emibili. Wayengekho emkhombeni. Wayesendlini. Fundani wonke lowo mBhalo. Kodwa amasiko obuKristu, o, benze umhlaba wonke waba manqikanqika ngezimfundiso zabo.

103 Kungani uHerode abulala abantwana, abaneminyaka emibili ubudala, khona-ke, uma Wayewusana nje? UmBhalo wathi beza ku "Mntwana omncane," hhayi usana; u"Mntwana omncane," oneminyaka emibili ubudala. Futhi uHerode waya kobulala abantwana, kuya eminyakeni emibili ubudala, ukuzama ukuMthola; bebeyizinsana, bekungeke kudingeke athathe iminyaka emibili ubudala, izinsana nje.

104 Abazange baMthole emkhombeni; baMthola esendlini. “Futhi lapho befika endlini, bathola uMntwana noMariya.” Kodwa niyabona ukuthi baLisonta kanjani.

105 Akumangalisi! Ebusukwini obumbalwa obedlule, bengishumayela lokho uJesu akusho kulabo baFarisi, “Nithathe amasiko enu, nenza ize imiyalo kaNkulunkulu.”

106 Futhi-ke bayamemeza, “Uphi uNkulunkulu na?” Ungamkholwa kanjani uNkulunkulu ube ungeke ulikholwe iZwi laKhe, bese uthi, “Uphi lowo Nkulunkulu weBhayibheli na?” Buyela kuYe ngendlela Ayiyo, yileyo kuphela indlela oyoMazi ngayo. *Nansi* indlela.

107 Behla benyuka ezitaladini, bememeza, “Uphi Lowo? Uphi Lowo ozelwe eyinkosi yabaJuda na? Ngokuba sibonile iNkanyezi yaKhe ngenkathi siseMpumalanga, futhi size ukuzoMkhonza.”

108 O, ngiyabona abanye babapristi bethi, “Anisho, banumzane, kufanele ukuthi nilalele isigejane sezinhlanya ndawo ndawo. Nifanele ukuthi nilalele isayense yezenkolo yothile encane.”

109 Lawo madoda abengathi, “Qhabo, mnumzane! SiYibonile isebenza. Siyazi ukuthi Iwuqobo. Futhi Isiholele kuleli banga. Kodwa asisakwazi ukuYithola nhlobo, futhi lona ngumuzi wenkosi.”

110 Akumangazi yini? Ibandla elikhulu kunawo wonke emhlabeni, abantu abaningi kakhulu, nokho babengazi lutho ngaYo. Futhi uma leso kungesona isimo esifanayo sabantu emhlabeni kulo Khisimusi, isimo esifanayo! Akekho owayenempendulo. Abakwazanga ukuthola impendulo.

111 Futhi ekugcineni kwaba kubi kakhulu! Lawa kwakungamadoda acebile, wawungasho indlela amakamela awo ayegqokiswe ngayo. Futhi abakaze bashiye isitaladi esisodwa; wonke umhubhe, bahamba bememeza, “Uphi Lowo? Uphi Lowo? Uphi Lowo?”

112 Futhi namhlanje ngamabhomu e-athomu elenga ngaleya ezilengisweni, namhlanje lapho umhlaba ususemaphethelweni okubhujiswa okuphelele, nalesi sizukulwane sabantu ukuba sibhubhe ngomzuzwana; ngokuhlukana kokudonsa okukodwa, iningi lanoma yisiphi isizwe esincane singacwilisa umhlaba.

113 Emhlanganweni wososayensi, ngolunye usuku, bathi kwakunesigayegaye. Ngani, ibhomu le-athomu liyivolovolo eliyithoyizi eliqhuma kakhulu, kulokho abanakho manje. Nezinye izizwe zinakho. Uma iPentagon ingake idedele lokho abanakho, bekungeke kwaba nomoya kaKhisimusi osele, abantu bebezoba nengebhe begijimela ezitaladini, bememeza futhi bekhala. Wawungeke ucashe. Ayikho indlela yokucasha.

114 Ukuphela kumanje. Sisekupheleni, kuvela izibonakaliso nezimangaliso, uMesiya ezibonakalisa Yena uqobo kuMoya.

115 LowoMoya, uza wehlela onyakeni, uZenza ube mkhulu futhi ube mkhulu, kuze kuba yilapho ekugcineni ezalwa kulowoMuntu ophelele.

116 Manje kuyo yonke iminyaka yamaMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, futhi kwehle kuze kube sekupheleni, futhi manje lapha Ubonakaliswa ngaphambi nje kokuba Abuye emzimbeni wenyama, Lowo ophelele; edonsela iBandla laKhe ndawonye, ebakhipha kuwo onke amahlelo, yonk'into, ebaletha kuYe, ngokuba Uzovela kungekudala. Futhi amabandla awanayo impendulo.

117 Ngakho-ke kwabizwa ukuba iNkantolo yeSanhedrini ingene, nguHerodi umbusi wesifunda, futhi izinkantolo zahlangana. Futhi baletha abapristi norabi. Bathi, "Funda imiBhalo. Uzozalelwaphi lo Mesiya na?" kusho inkosi.

118 Futhi into exakile, niyazi ukuthi baMtholaphi na? Esiprofethweni sikaMika. "Wena, Betlehema laseJudiya, awuyena omncane yini kuzo zonke izikhulu zakwaJuda na? Awuyena yini umgingqiki ongcwele na? Anisibo yini a—a—abancane kunabo bonke na? Kepha kuwe kuyophuma uMbusi wabantu baMi." Yilapho abakuthola khona.

119 Futhi ngakho-ke izazi, lapho zizwa lokho, zashaya isango laphuma! Futhi kwathi nje lapho zishiya leyo endala, ebandayo, ehlubukile, indawo egcina umthetho ngamehlo, nakho kulenga iNkanyezi futhi. INkanyezi yayilapho. Futhi iBhayibheli lathi, "Zajabula ngokuthokoza okukhulu kakhulu." O, ngingasho ukuthi bamemeza kancane, lapho bethola, ukuthi lokho okungaphezu kweMvelo okubusisiwe ababekubonile, ngenkathi bephuma kulezozindlela ezindala, ezibandayo, izindlela ezigcina umthetho ngamehlo, Yaphinda yavela futhi. Nakho la Yayikhona.

120 Futhi Yaziholela eBetlehema, lapho bathola khona Lowo, lapho Yena, Lowo owayengu-Emanuweli, wayekhuliselwe esitolo sombazi, empofu. Futhi bathula konke ababenakho, base bekubeka ngasezinyaweni zaKhe. Futhi bakhuleka kuYe ngoba bayazi ukuthi ukuKhanya kufikile, futhi uMsindisi womhlaba wayezelwe. Banikela, banikela ngakho konke ababenakho, ngoba uNkulunkulu wayenikelile!

121 "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka," mngani, lowo nguwe nami, "waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuthi noma ngubani," iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, umphikinkolo, noma ngabe uyini, "noma ngubani okholwa kuYe, akayikubhubha kepha abe nokuPhila okuPhakade," okufunayo. Ube nokuPhila!

122 Futhi emahoreni esiphila kuwo manje, nokufika okuseduze koBuntu baKhe futhi, emhlabeni, uma niqaphela imiBhalo.

123 Bukani ukuthi uJosefa wayengubani, bheka uMoya kaKristu kuJosefa. Wazondwa abafowabo ngoba wayengokamoya,

wabona imibono, kepha wayethandwa nguyise. Kwakungeyena yini uJesu lowo na? Wathengiswa cishe ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, ngabafowabo, njengoba uJesu waba njalo. Wakhashelwa, njengoba uJesu waba njalo. Waphonswa emgodini, ukuba afe, njengoba uJesu wayenjalo. Waphakanyiswe futhi waba yisandla sokudla sikaFaro, akekho umuntu owayengeza kuFaro ngaphandle kukaJosefa. Futhi ngenkathi uJosefa ephuma esuka—phuma esuka esandleni sokunene sikaFaro, bamemeza, "Guqa ngamadolo, ngokuba uJosefa uyeza!"

124 IBhayibheli lasho, ukuthi, "Lapho Efika, njengombani ukhanya usuka eMpumalanga uye eNtshonalanga, ukuthi wonke amadolo ayakuguqa, futhi zonke izilimi ziyakuvuma ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu." Zonke izizwe ziyolila futhi zithuthumele ngaleso sikhathi.

125 Kwakuyini na? Kwabonakaliswa eduzane kakhundlwana, kwaphumela kuDavide, inkosi. Isizathu, Wayeyikho kokubili umProfethi, umPristi, neNkosi; futhi lapho uDavide wehliswa esihlalweni sobukhosi futhi wenqatshwa, eJerusalema, njengoba uJesu waba njalo, uDavide wahlala entabeni, inkosi elahliweyo, ngabantu bakubo uqobo, futhi wakhala izinyembeze ngaleya eJerusalema. NeNdodana kaDavide yafika yahlala entabeni efanayo, iNkosi enqatshiwe emzini waYo uQobo, futhi yakhala izinyembezi ngaleya eJerusalema, ithi, "Bengithanda kangaki ukukufukamela, njengesikhukhukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko, kepha anivumanga."

126 BabeMbiza ngani na? "UBelzebule, umbhuli, umoya omubi."

127 Ngenkathi inkonzo yaKhe iqala, kwakukhona umdobi omdala owalethwa kuYe, owayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo. Futhi wabheka lowomdobi omdala, Wayesemtshela ukuthi wayengubani igama lakhe. Futhi Wamtshela ukuthi kwakungubani igama likayise. Lowomdobi omdala waMkholwa, ngayo yonke inhliziyo yakhe.

128 Futhi omunye emi lapho, waphenduka, ogama linguFiliphu. Futhi wazungeza intaba, amamayela angamashumi amathathu, futhi wathola eyedwa ogama linguNathanayeli, ngaphansi komuthi, ekhuleka. Wathi, "Woza, ubone ukuthi Ngubani esimtholile. Ngiyazi ukuthi uyikholwa kakhulu kuJehova. Ngiyazi ukuthi uyilo. Kepha uJehova uthembisa uMesiya, futhi siMfumene. UnguMuntu nje ojwayelekile, akukho lutho olukhulu ngaYe. Akukho lutho olukhukhumele nolufundile ngaYe. Ungumbazi." Waye—WayenguMbazi, kokubili impahla nomphefumulo womuntu.

129 Futhi uNathanayeli wambuka, wathi, "Manje awume kancane, ngabe kukhona okuhle okungaphuma eNazaretha na?" Niyabo, babekubhekile kuvela eJerusalema.

130 Yilapho iningi lenu libheke khona namhlanje. Ungabheki lapho. Udeveli uhlala esebenzisa ikhanda lomuntu namehlo akhe. UNkulunkulu usebenzisa inhliziyo yakhe. Uyabheka bese uthi, "O, ngeke nje kwenzeke. Akunangqondo nje. Uyabo, ngingasho, ngingakubuka." Yilapho udeveli alele khona. Udeveli usebenzisa amehlo omuntu. Wakwenza lokho ku-Eva, ekuqaleni, futhi ukwenzile kusukela lapho.

131 Kepha, uNkulunkulu utshela umuntu ukuthi Uyaphila, enhliziyweni yakhe, futhi inhliziyo yakho ikwenza ukholwe izinto ongaziboni. Ngoba, "Ukukholwa kunguqiniseka ngezinto ezithenjwayo, iqiniso ngezinto ezingabonwayo."

132 Impela, leli bandla elikhulu nabo bonke abantu balo abakhulu, zonke izigidi zalo emhlabeni jikelele, lilawula amandla omhlaba, lifanele libe likhulu. Ungakubheki lokho.

NguMoya, uMoya!

UNathanayeli wathi, "Kukhona okuhle okungavela?"

Wathi, "Woza, ubone."

133 Futhi ngenkathi Embona eza, uJesu wambheka, futhi Wayezokwenza isibonakaliso saKhe sobuMesiya kuye. Wathi, "Bheka um-Israyeli, okungekho nkohliso kuye!"

134 Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?" Lokho kwammangaza. "Ungaze nini na?"

135 Wathi, "UFiliphu engakakubizi, usengaphansi komuthi, Ngakubona." [UMfowethu Branham ungqongqoza epulpiti kathathu—Umhl.] Wayengambona kanjani, amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba, ngayizolo na?

136 Kulowo okwenziwa kuye isimangaliso, wabheka phezulu wayesethi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

137 UJesu wathi, "Ngoba Ngenze lokhu phambi kwakho, futhi uyakukholwa, uzobona okukhulu kunalokhu, ngokuba kuzoba nesikhathi esizayo lapho uyobona khona iziNgelosi zaseZulwini zehla."

138 Kwakumi labo ngalapho, noma kunjalo, ababehlakaniphile. Babengabesonto elikhulu, ba—babengeke bakwazi ukuzihlehlisa. Bathi, "Lo Muntu ungumbhuli. UnguBelzebule. Uyahlanya. UngumSamariya onomoya omubi kuYe. Uyahlanya." BamMemezela njengohlanya, esidlangalaleni.

139 Futhi uJesu wathi, "Ngenxa yokuthi nisho lokho kiMi, Ngizonixolela ngakho. Kodwa kuzofika isikhathi lapho uMoya oNgcwele uzoba semhlabeni, futhi uzokwenza into efanayo naleyo eNgiyenzayo." [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanye—Umhl.] "Igama elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulomhlaba noma ezweni elizayo."

[Akuqoshwanga eteyipini.] Cabanga ngalokho! Igama elilodwa elimelene naWo, liyikho lonke, likubeka uphawu kube phakade.

140 Sihlala kuphi na? Sikukhisimusi futhi. Ngiyazibuza uma inkolo yethu isisondeze ngokwanele kuNkulunkulu, ukuthi singaholwa kakhulu ngendlela oMegi ababengaholwa ngayo?

141 Manje, khumbulani, kunabantu abathathu kuphela emhlabeni, noma kanjani: Abantu bakaHamu, uShemu, noJafete; lowo ngumJuda, oweZizwe, nomSamariya.

142 Manje, bobabili iJuda nomSamariya wayeMbheke eza; hhayi thina beZizwe. Sasingabahedeni, sathathwa yizithombe eziyizimungulu, ngalezo zinsuku; induku emhlane wethu, isagila, ukubulala, sidle ebesingakwazi; abeZizwe, izinja eziyizimungulu.

143 Kodwa babebheke uMesiya, futhi behluleka ukubona ngoba abasiqondanga isibonakaliso saKhe. Yingalesosizathu iJerusalema lalingenayo impendulo.

144 Yingalesosizathu, namhlanje, abakabi nayo impendulo. UNkulunkulu unempendulo, eyedwa.

145 Bheka laba umzuzwana nje, njengoba babenjalo. Kwakunelinye izinga labantu elaliMfuna, lokhu kukuJohane oNgcwele 4, lelo ngamaSamariya. Babekholelwa ukuthi kwakukhona uMesiya ozayo.

146 Ngakho-ke khumbulani, Akazange asenze leso sibonakaliso nakanye ngaphambi kwabeZizwe, amaSamariya kuphela nakuba—nakubaJuda, kulabo ababeMlindele ukuba afike. Futhi abaMkholwanga, ngakho; abanye babo bamkholwa, abanye abazange.

147 Futhi ngenkathi efika eSamariya, Wamukisa abantu, abafundi baKhe, bangena emzini. Walinda. Ngoba, Wabatshela, "Hambani niyothola okudliwayo." Kwakungalesi sikhathi sosuku, ngiyacabanga.

148 Ngenkathi besahambile, o—owesifazane othandekayo waphuma waya emthonjeni, ukuzokha amanzi. O, simbiza ngesifebe. Mhlawumbe wayeyiso. Awu, ake sithi wayengo—ngowesifazane obukeka ethandeka. Waphuma waya kulo mthombo, ukuzokha amanzi. Futhi wezwa izwi, lathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

149 Futhi waqalaza, nakho kuhleli umJuda. Manje, kwakukhona ukwehlukana ngaleyonkathi, babengenakho ukudlelana. Futhi wathi kuYe, wathi, "Ngani, Wena, umJuda, ucela mina, owesifazane waseSamariya na? Asinakudlelana omunye nomunye. Akulungile ukuthi Wena ungicele lokho."

150 Wathi, "Kodwa, sifazane, ukube ubuwazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuzocela kiMi aManzi."

151 Wathi, "Uphi u. . . Ungawatholaphi amanzi," wathi, "Awunalutho ongakha ngalo, kanjalonjalo."

152 Futhi Waqhubeka nengxoxo, lapho ingxoxo yayiqhubeka. Ekugcineni, Wathi kuye, Wabamba lapho inkathazo yakhe yayikhona. Wathi, "Sifazane, hamba uyolanda indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

153 Wathi, "Uqinisile. Usushade kahlanu, nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho."

154 Bhekisisa ukuthi wathini. Babebheke uMesiya, niyazi. Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." Nakho lapho ukhona. "Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi, lapho uMesiya efika, Uzositshela lezi zinto. Isibonakaliso sikaMesiya, siyazi ukuthi uMesiya uzokwenza lokhu lapho Efika. Kodwa nje Uyi. . . unamapotwe esandleni sakho. UnguMbazi, nomJuda. Kodwa Ufanele ube ngumprofethi, kungenjalo Ubungeke ukwazi ukwenza lokhu. Kodwa lapho uMesiya efika. . . Sibheke Yena lapha. Uma Efika, Uyokwenza lokhu."

UJesu wathi, "NginguYe, lowo okhuluma nawe." O, he!

155 Waqathaza leyo mbiza yamanzi. Wangena emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Lona Akusiye uMesiya na?" Umuzi wonke waphuma futhi wakholwa nguYe, yebo, ngoba leso sibonakaliso senziwa. Amabandla ayengenayo impendulo, kodwa abathobekile enhliziyweni babheka kuNkulunkulu.

156 Namuhla, ngiyazibuza ukuthi ngabe inkolo yethu isilethe kulobo Buhlakani na? Ukuqonda ukuthi akusiyo isayense yethu yezenkolo eyenziwe ngumuntu eqholwe ngamakha esizama ukuyifundisa, kodwa kuseMandleni nasekuvukeni kukaJesu Kristu, nakuMoya oNgcwele ezweni namuhla. Mfowethu, dadewethu, kulelihora lokugcina, njengoba kuza ekupheleni kwesikhathi, hlolani imiphefumulo yenu, tholani ukuthi nimi kanjani noNkulunkulu.

157 NguKhisimusi. Bonke ubulivilivi, phansi naphezulu ngesitaladi, bukaSanta Claus, inganekwane yaseJalimane, imfundiso-ze yeKatolika, akukho ne-awunsi elilodwa lakho eliyiqiniso. Futhi kuthatha indawo kaJesu Kristu, ezinhliziyweni zamaMelikana amaningi kakhulu. UKhisimusi awusho uSanta Claus. UKhisimusi usho uKristu. Hhayi indoda ethile ephethe ipayipi emlonyeni wayo, futhi yehla ngoshimula! Ukufundisa abantwana okunjalo, ulindele ukuthi bakhule babe yini ba? Batshele iQiniso, hhayi endabeni eyinganekwane. Batshele, "Kukhona uNkulunkulu waseZulwini Othumele iNdodana yaKhe, futhi yilokho okushiwo uKhisimusi. Futhi Isiyabuya eduzane futhi."

158 Futhi lapho ingcindezi iqala ukuza emhlabeni, udeveli ukhiphe izinto zakhe, ngamehlo, ongakubona, ubulivilivi, nokunye nokunye. UNkulunkulu ukhiphe okwaKhe, okunguMoya, ongakwazi ukuwubona, kodwa uyakholwa.

159 IJerusalema yayingenayo impendulo. IJeffersonville ayinazo izimpendulo; ILouisville ayinazo, iMelika ayinazo, kanjalo nezwe alinazo.

160 UNkulunkulu unezimpendulo, futhi Wethembisile ukuthi Uzozibonakalisa. Futhi ngimemezela kini ukuthi lowo Jesu, Owazalwa iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, uyaphila namuhla, kusukela ovukweni, futhi unguye izolo, namuhla, naphakade.

Asikhothamise amakhanda ethu.

161 Uyakukholwa lokhu ngobuqotho ngenhliziyo yakho yonke na? Uma ukukholwa. . .Futhi mhlawumbe awukaze ukwamukele phambilini, kodwa, ngaphambi kokuba Enze into eyodwa ukuZibonakalisa, ungaziphakamisa izandla zakho na? Ngokuphakamisa izandla zakho, ngenkathi wonke umuntu namakhanda abo ekhotheme, ubungephakamise izandla zakho bese uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele. Ngikholwa ukuthi lelo yiQiniso. Futhi ngikholwa ukuthi ngandlela thize enye, ngokungaqondakali, ngiholelwe kulendawo endadlana lapha ekhoneni kulokhukusa. Futhi ngiyakholwa ukuthi uMoya kaNkulunkulu ophilayo ulapha manje. Ngifuna ukuMkhonza. Ngizophakamisa isandla sami." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. O, he! Abantu abangamashumi amabili noma amashumi amathathu, phezu kwesakhiwo.

162 Nkulunkulu othandekayo, Uyazibona lezo zandla, futhi Wazi ngasinye sazo. Futhi bayadinga. Futhi bebengasoze basiphakamisa leso sandla ngaphandle kokuthi Okuthize bekungakubo, Ubemkhulu kunabo; ngabe baqhubeke ngezindlela zabo. Kodwa bakholiwe, ngokuzwa iZwi. ImiBhalo yethu iyasitshela, Nkosi, UmBhalo waKho oNgcwele, ukuthi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Futhi Limahhadlahhadla, nokho, indlela elula, u—ukuphela kwendlela esinayo yokuLethula kubantu, baLikholiwe. Eziningi, izandla eziningi ziphakamile. Angazi noyedwa wabo. Wena uyabazi bonke. Kodwa ngiyazi ukuthi ngaphakathi kwabo, babuswa futhi balawulwa ngumoya, futhi lowo moya okubo ushilo, "Unephutha."

163 Futhi kukhona omunye uMoya omi ngakubo, uthi, "Ngamukele. NginguMsindisi wakho." Futhi bayephula yonke imithetho yesayense, ngokuphakamisa izandla zabo. Ngoba, kukhona uNkulunkulu phakathi lapho, Owenza imithetho yesayense, nezandla zabo ziphakamile, ukuthi bafuna ukufinyelela phezulu, ngokukholwa, ukubamba uMsindisi,

futhi baMemukele njengoMsindisi wabo. Bakwenzile lokho kulokhukusa, Nkosi.

164 Futhi bamukele eMbusweni waKho, khona manje. Bayimiklomelo yoMlayezo. Ngikhulekela ukuthi Uzobemukela eBukhoneni baKho, eMbusweni waKho. Futhi kwangathi bangaphila impilo enenjabulo lapha, bebheke ukuFika kweNkosi uJesu noma nini, njengoba bebona usuku lusondela, nezibonakaliso nezimangaliso, ngoba Uyasondela kakhudlwana, usondela kakhudlwana. Usendleleni yaKhe.

165 Lapho uRebekah esukuma, egxamalazela ikameli, futhi wagibela wahamba ukuyohlangabeza isithandwa sakhe, u-Isaka. Futhi u-Isaka wayesevele eselishiyile i—ikamu, futhi wayephandle emasimini, esikhathini sakusihlwa, lapho embona eza. Kwakuwuthando niqala ukubonana. Owesifazane wagxuma wehla ekamelini, futhi wagijima ukuba amhlangabeze. Wangeniswa etendeni lika-Abrahama, futhi lapho waba yindlalifa, futhi wadla ifa zonke izinto.

166 Nkulunkulu, siyaqonda ukuthi sekuyisikhathi sakusihlwa manje. Wena wathi kuyoba ukuKhanya, ukuthi uMoya oNgcwele uzoba lapha emhlabeni futhi uzozibonakalisa Yena emhlambini omncane Owukhethe ngomusa waKho. Ngiyakhuleka manje ukuthi Wena—Wena uzozibonakalisa Wena uqobo kakhulu kumuntu ngamunye. Futhi kwangathi bangasindiswa ezonweni zabo.

167 Futhi kwangathi bangafika ndawo ndawo e—emthonjeni, emthonjeni wasemhlabeni, emva kokuba sebefikile kokwaseZulwini, futhi babhaphathizwe eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu; behlanza izono zabo, bebiza iGama leNkosi. Kwangathi bangemukela uMoya oNgcwele, futhi babekwe endaweni yabo ukuze badlale indima yabo kulo mdlalo omkhulu ozokwenzeka.

168 Siyakholwa ukubuthana kwethu kulokhukusa, Baba, bekusemsebenziwa waKho wokuhlakanipha. Akukho lutho olubuwula, kuWe. Konke, konke Okuhlinzekayo, kuphelele. Abesilisa nabesifazane baqhamuke ezingxenyeni ezahlukene zezwe, behleli phakathi lapha. Ubalethe ngoMoya waKho, ngendlela engaqondakali. BaKukholiwe. Bemukele manje. NgeGama likaJesu Kristu, ngibethula kuWe.

169 Manje, Nkosi, makuthi uMoya oNgcwele waKho uze ukuzophulukisa abagulayo, ukuze laba abasanda kuphendukela kuWe, bangahle baqonde ukuthi asikhulumi nje ngeBhayibheli ebelingumlando. Yisikhathi esiphilayo, samanje, manje nje. UyiNkosi uJesu efanayo.

170 Manje Makeze, Nkosi, futhi athathe inyama yethu, imizimba yethu, njengoba sivula izinhliziyo zethu. Susa konke ukungabaza nalo lonke izwe. Futhi makuthi nje uMoya oNgcwele adlule kithi, ukuze Usebenze intando yaKho phakathi

kwethu, njengezitsha ezihlanzekile. Hhayi ngoba sihlanzekile ngokulunga kwethu uqobo, kodwa ngenxa yokuthi sikholwe kuYe Osihlanzile, iNkosi uJesu; futhi wenze futhi wenza i—izinto Owazenza ngenkathi Wawulapha emhlabeni, ukuze laba abasanda kuphenduka bangabona ukuthi UseyiNkosi uJesu. Awufile. Kodwa Uphinde wavuka, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, futhi uyaphila namuhla, ugcwalisa zonke izithembiso Ozenzile. Amen.

171 Ngiyazi ukuthi akulona iculo likaKhisimusi, kepha yiculo lezinhliziyo zethu, esilithandayo; manje njengoba umyalezo usuphelile, othi ukusika, kanjalonjalo, ungukuphela kwendlela.

172 Okudingwa amapulpiti ethu namuhla akuyona lena lapha inkolo eqholwe ngamakha. Lidinga iQiniso. IQiniso, Lishumayele livela eBhayibhelini! Ungenzi noma yikuphi ukuhumusha okwehlukile. Lisho nje, lokho okushiwo yiBhayibheli. UNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Uma Engalisekeli iZwi laKhe, khona-ke Akasuye uNkulunkulu, noma akusilo iZwi laKhe, okukodwa. Kodwa Uzolinakekela iZwi laKhe.

173 Manje, ngaphambi nje kokuba sikhulekele abagulayo, asicule leli culo elidala elimnandi. Nonke nina bantu, kanye kanye, nonke.

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

174 Ungasinika umucu, dadewethu na? Wonke umuntu, kanye kanye manje, nonke, wonke umuntu!

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu elenzelwe izoni,
> Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

175 Ngiyazibuza. Lokhu akusikho ukuthuka okungcwele. Lokhu ukuzwakalisa nje. Bantwana, singabantwana. Uma uqala ukucabanga ukuthi usukhulile, kuNkulunkulu, lokho kukhombisa ukuthi awukafiki ndawo. Hlala ungumntwana njalo, Angakuhola. Kepha uma wazi ngaphezu kwaKhe, uzama ukuMhola. Niyabo? Myeke ahole. Asivale nje amehlo ethu futhi siphakamise izandla zethu, futhi sikhothamise amakhanda ethu, futhi sicule lelo kanye futhi.

> NgoMdumisa, ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

Emkhombeni waseBetlehema kwavela isiHambi,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Ukufana nje noJesu, ukufana nje noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

176 "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza."

177 Ubungeke uthande ukuma lapho ngenkathi Asho kowesifazane onomopho na? Wafika ezisonta ezixukwini, wathinta ingubo yaKhe, "Ngokuba wathi ngaphakathi kwakhe, 'Leyo yiNdodana kaNkulunkulu. Uma ngingavele ngithinte ingubo yaKhe!'" Manje, ingubo yasePalestina ilenga ikhululeke, futhi yayinengubo yangaphansi. Owesifazane... Akazange akuzwe lokho kuthintwa, ngokuba Wakufakazisa. Wathinta ingubo yaKhe, futhi waphuthuma wabuyela phakathi ezethamelini.

178 UJesu wama, wayesethi, "Ngubani oNgithintile na? Ngubani oNgithintile na?"

179 UPetru waMkhuza, wathi, "Nkosi, wonke umuntu uyaKuthinta, uxhawula izandla zaKho, eKumbambatha, nakho konke. Wonke umuntu uKuthintile, futhi kungani Usho into enjengaleyo na?"

180 Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka. aMandla asukile kiMi. Kukhona oNgithintile."

181 Futhi Waqalaza, phezu kwezethameli, futhi Wamthola. Futhi Wamtshela ukuthi wayekade enomopho ngaleyonkathi, futhi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

182 Ubungeke uthande ukuba njalo na? Bengingecabange lutho olukhulu kunalokho.

183 Indoda yakhuphukela kuYe. Yathi, "Igama lakho unguSimoni. Igama likayihlo nguJona." O!

Ngicela kuphela ukufana...

184 Kungenzeka yini? Wathi, "Lezi zinto eNgizenzayo! Futhi kuseyisikhashana, nezwe..." Manje, *izwe* lapho, egameni lesiGreki, yi*kosmos*, okusho ukuthi "inqubo yezwe," hhayi umhlaba, "inqubo yezwe." "Kuseyisikhashana, nezwe ngeke lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina," lelo yikholwa, "ngokuba *Ngi*," futhi u *ngi* yisabizwana somuntu, "Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyenza. Engaphezu kwalena niyakuyenza, ngokuba

Ngiya kuBaba waMi." Zibusisiwe, izethembiso eziNgcwele azinakuphulwa. UJesu wathi, "Awukho umBhalo ongaphulwa."

> Ngakho-ke ukufana noJesu, (Ingabe Ulapha na?) Jesu, (Esimeni sokukhonza nje manje.)
> Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
> Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
> Ngicela kuphela ukufana . . .

185 UbungaMcabanga ehamba eGalile na? Kukhona labo baFarisi, abathi ezinhliziyweni zabo, "UnguBelzebule." Abazange bakusho lokho ngokuzwakalayo, kodwa Wayibona imicabango yabo. ImiBhalo isho lokho? Wayibona imicabango yabo.

186 Wathi, "Nikhuluma lokho ngokumelene naMi, Ngizonixolela. Kodwa kuzofika isikhathi lapho uMoya oNgcwele uzokwenza lezi zinto ezifanayo. Ningakhulumi ngokumelene naLowo."

187 Ukufana nje noJesu! Bangaki kulezi zethameli ezincane kulokhukusa abakholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo, Uyaphila namuhla, futhi Unguye, ukugcina zonke izithembiso na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Ngiyabonga. Lokho kuletha uBukhona baKhe.

188 Abaningi benu bayasazi isithombe seNgelosi yeNkosi, lapho ngenhla lapho engimi khona. Sazithola eJalimane, eSwitzerland, nomaphi lapho beziyisa khona. Bathatha esinye ngolunye usuku. Yinto evelele kunazo zonke engake ngayibona. Ngizosifaka esontweni, ngokuzayo lapho ngibuya. Sise—eziphathinimandla zikazwelonke manje, ukuhlolela ukuvezwa kabili, nokuthi kufakwa kanjani ngaphansi kwelambu ubungako bokukhanya kwemisebe, kanjalonjalo, ukubona. INgelosi ye . . . induduzo enkulu kunazo zonke engibe nayo selokhu Yahlangana nami; yazini ukuthi sisesikhathini sokuphela.

189 Ngingumuntu, futhi ayikho into enhle kumuntu. Kodwa uma umuntu engavula inhliziyo yakhe futhi avumele uNkulunkulu amhlanze, khona-ke akusikho . . . uNkulunkulu unezandla kuphela, ziyizandla zakho nezandla zami; amehlo aKhe angamehlo ami namehlo enu, ngoba UnguMoya. Kepha Angasebenza ngathi, ukubonakalisa nokwenza intando yaKhe.

190 Bengizonibizela phezulu lapha emgqeni womkhuleko. Sengishintshe ingqondo yami. Ngikholwa ukuthi uBukhona beNkosi uNkulunkulu bulapha. Futhi ngikholwa ukuthi Engenza njengoba nje Enzile ngenkathi Wayelapha ngaphambili, noma Akasuye uNkulunkulu. Bangaki abantu . . .

191 Kunobuso obuningi lapha engingabazi. angikho lapha; ngisho abaningi benu bangahle bafike ebandleni lapha, anginazi. Kodwa bangaki phakathi lapha, abadingayo, futhi niyazi ukuthi anginazi, phakamisani izandla zenu; wonke

osesakhiweni, uyazi. Ikakhulukazi lapha ngaphambili, eduze impela bonke abantu lapha ngaphambili, abayizihambi ngokuphelele.

192 Manje-ke uma uJesu ephila, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi uma une—nesidingo sanoma yini, umBhalo uthi . . . Manje, hhayi iTestamente eLidala; iTestamente eLisha! ITestamente eLisha, iNcwadi yamaHeberu, yathi, "UJesu Kristu ungumPristi oMkhulu njengamanje." Noma ngubani uyazi ukuthi umpristi omkhulu uyini na? "UmPristi oMkhulu ongathintwa nokuzwelana kobuthakathaka bethu." Umpristi omkhulu ufanele enze ukunxusela eBukhoneni bukaNkulunkulu. UJesu umi njengomPristi oMkhulu, ukunxusela, futhi Angathintwa nokuzwelana nobuthakathaka bethu. Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade; futhi uma owesifazane aMthinta emuva lapho, futhi Waphenduka wase emtshela; noBartimewu oyimpumputhe emi esangweni, amayadi angamakhulu amathathu ukusuka lapho Ayekhona, ememeza, "Ngihawukele!"

193 Futhi abantu behlekisa ngaYe lapho Edlula, Yena ngekhanda laKhe libheke ngaseKalvari, enyukela eJerusalema, ukuba anikelwe. Futhi labo bapristi bethi, "Awusho, Wena owavusa abafileyo! Sinamathuna agcwele bona phezulu lapha, phuma futhi ubavuse. SizoKukholwa." Iqembu elifanayo elathi, "Yehla esiphambanweni, (Uyi 'Ndodana kaNkulunkulu'), futhi sizoKukholwa."

194 Uyababona labo bagxeki na? Bebelokhu benabo njalo. Ungabeki ngamazinga, uphonse unkatho lwakho nalolo hlobo. Nkulunkulu yala! Faka uNkulunkulu enhliziyweni yakho ukuze uMbone futhi uMazi.

195 Kodwa lesi esimpofu, isinxibi esidala esiyimpumputhe simi lapho, sathi, "Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele." Futhi ukukholwa kwaso kwamisa uJesu. UJesu waphenduka wase ebheka waze Wasithola, wasitshela ukuthi sizokwemukela ukubona kwaso.

196 Lowo Jesu ofanayo uyaphila! Uma . . . Usizani uNkulunkulu womlando, Akayena . . . uma Engeyena uNkulunkulu ofanayo namhlanje na?

197 Kusiza ngani, ukuzama ukufudumeza indoda ngokuyikhomba emlilweni opendiwe na? Umlilo opendiwe ngeke . . . Lowo umlilo womlando. Wena uthi, "Akuwona umlilo opendiwe, Mfowethu Branham, isithombe somlilo owenzeke ngempela." Awukwazi ukufudumala ngesithombe. Lokho yinto ethile eyayikhona. Kuthiwani ngemanje na?

198 Nguye izolo, noma U . . . nanamuhla, noma Akayena uNkulunkulu ofanayo. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

199 Manje nonke hloniphani ngokuzithoba ngempela. Uma kungenzeka ukuthi ngizokhuluma, anginayo indlela yokukwazi. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami. Kodwa uma uJesu ezofika bese ethatha inyama yami, futhi angamele . . . Akunandaba ukuthi Uzothatha okungakanani ngaphezu kokwami, uma Engakwengameli, nawe. Ufanele ukukholwe. Ngokuba, khumbula, kungokukholwa kwakho kuphela. Uma iNkosi uJesu izofika futhi izokwenza lokho, futhi uzothinta ingubo yaKhe, uthi, "Nkosi, ngiyadinga. MangiKuthinte, Nkosi."

200 Manje-ke uma uMthinta, uma EsengumPristi oMkhulu ofanayo, Uzokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Elapha emhlabeni. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma lisebenza ngenye indlela, khona-ke kuyinto okungesiyo, uthinte into okungesiyo. Ifanele ifane, ifanele isebenze ngendlela efanayo. Manje-ke uma ungathinta ingubo yaKhe, njengoba kwenza owesifazane othinte ingubo yaKhe, Ubengeke yini enze into efanayo na?

201 Uma kwenzeka ukuthi ngi . . . Uma abanye benu bantu abeza kuleli bandla, ukuze nazi, ngi—ngeke ngisho lutho kini. Kuzofanele kube ukukholwa kwakho, ngoba lokhu yi—lokhu yi . . . Ngiyi . . . Ngifuna izihambi. Ngizonithola emva kwesikhashana, uma iNkosi ithanda. Ngifuna . . . Ngizonikhuphulela lapha emsamo, nginikhulekele.

202 Ngifuna izihambi ezivela ngaphandle kwedolobha. Uma nina bantu abangaphandle kwedolobha, nilapha emahhotela nakusemahhotela abahamba ngezimoto, nezinto, nilindile. Impela, bavela emhlabeni wonke, ngaleyondlela. Bayayithanda iNkosi. BayaYikholwa. Futhi ba—bafunda eBhayibhelini ukuthi Wayefanele ukukwenza lokhu ngezinsuku zokugcina.

203 "Futhi akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi," kwasho uJesu. Ungeze, asikho isidingo sokuzama ukwenza noma yini ngaphandle kokuthi uNkulunkulu akudonse. Lapho uNkulunkulu ekudonsa, khona-ke uzofika. "Futhi lowo oza kiMi, aNgisoze ngimlahlele ngaphandle."

204 Manje yina nokukholwa nje futhi ukholwe manje. Futhi yiba nenhlonipho yokuzithoba ngempela, futhi uhlale uthule umzuzwana nje. Nikeza uNkulunkulu ukunaka kwakho. Khuleka, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, mangithinte ingubo yaKho. Ngiyagula. Ngiyadinga. Nginesidingo. UMfowethu uBranham akangazi, lokhu ngokokuqala ngqa ukuba ngike ngibone indoda. Kodwa ngifuna ukufakazela kimi uqobo ukuthi UsenguJehova, nokuthi UsenguJesu akhuluma ngaYe. Futhi ngiyakholwa yilokhu kuKhanya okungaqondakali umhlaba okhuluma ngakho namuhla. Ngiyakholwa ukuthi nguWe. Futhi UnguYe ongiholele lapha. Manje ngizotholani na? Mangithole Yena, Nkosi, uJesu ofanayo abamthola. Mangithole yeNa." Manje bheka nje futhi ubuke.

205 Anginandlela nhlobo yokwazi uNkulunkulu aze akwembule. Futhi lapho uNkulunkulu ekwambula, khona-ke nguNkulunkulu okwenzayo khona-ke, hhayi mina. Bangaki abazokholwa uma Ezokwenza na? Ngilindele kuYe. Phakamisani izandla zenu. Wena uthi, "Ngizokukholwa. Yebo, mnumzane. Ngizokukholwa, ngayo yonke inhliziyo yami." Kulungile.

206 Manje phakamisani amakhanda enu, njengoba nibuka futhi nikhuleka. Manje kancane impela, leliculo. Nalu upiyano oludala engaqala ukuluzwa.

Kholwa kuphela . . .

207 UJesu wehla entabeni, abafundi baKhe babezama ukwelapha udaba lwesifo sokuwa. Babengenakukwenza, noma babenamandla. Baluletha kuJesu. Wathi, "Ngingakwenza uma ukholwa, ngokuba konke kuyenzeka. Kholwa kuphela."

208 Wonke umuntu ehlonipha ngokuzithoba ngangongakwenza. Bheka nje ngalendlela, njengoba uPetru noJohane bathi, "Sibheke." Hhayi ukubheka okuthile kubo, kepha ukunaka. Wathi, "Isiliva negolide anginakho."

209 Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angasipha khona. Niyabo, iZwi laKhe lisengozini, hhayi elami. Nginomthwalo nje wokuLishumayela.

210 Kunzima, leli idolobha lasekhaya lami uqobo. Niyazi, uJesu watshelwa, ngenkathi Eya Emzini wangaKubo uQobo, Wayengeyenze imisebenzi eminingi yamandla. Nonke niyakwazi lokho. Futhi uJesu wema ngaleso sikhathi, wathi, "Umprofethi akayikuswela umvuzo, ngaphandle uma usemzini wangakubo uqobo, phakathi kwabantu baKubo." Kusalungile nanamuhla.

211 Kodwa baningi lapha okungebona abasedolobheni langakithi. [UMfowethu Branham uma isikhashana imizuzwana engamashumi amabili nanhlanu—Umhl.]

212 Ekupheleni kohlu lapho, mnumzane, ongibukayo, onezibuko, ngiyacabanga siyizihambi komunye nomunye. UNkulunkulu usazi sobabili. Kepha unolwazi ukuthi kunokuthile okungaqondakali okuqhubekayo. Ukube ubungabona engikubonayo, ngaphezu kwakho ngqo yilokho kuKhanya. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi! Manje usekuxhumaneni naYe. Uzofanele asebenzise iphimbo lami namehlo ami. Kepha unokuthile okudingayo. Angikwazi. Uyazi angazi lutho ngawe. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho, mnumzane.

213 Kepha uyaqonda ukuthi unokufana nomuzwa kuwe, omnandi ngempela, umuzwa ofana nokuzithoba (Akunjalo na?) khona manje. Leyo yiNgelosi yeNkosi. Ingaphezu kwakho ngqo. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, njengoba nje Enza ngeNdodana yaKhe, iNkosi uJesu; futhi Weza ukuzongcwelisa inhliziyo yami, ukuze Aphile lapha

ukuba akuphendule wena; ungakholwa ukuthi ngumPristi oMkhulu ofanayo omthintile na? Unoxhumana noKuthile. NguYe lowo.

214 Inkathazo yakho isemaphashini akho. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Kubi kabi awukwazi ukusebenza. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Angikwazi.

215 Bangaki okholwayo manje na? Buka lapha. Ucabanga ukuthi ngikuqagelile lokho. UMoya usesephezu kwendoda.

216 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu waseZulwini uyakwazi na? UyaMkhonza na? Ngithi uyaMkhonza. [“Kunjalo.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. UngumKristu. [“Amen.”] Uza lapha ngenhloso yokuphulukiswa. Uya ekhaya, uphilile. Igama lakho nguMnu. Raney. Kunjalo impela. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuliqiniso. Ungabuyela ekhaya. Usuphulukisiwe mnumzane. Ukukholwa kwakho kukusindisile. UNkulunkulu akubusise.

217 Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, nazi izandla zami, mhlasimbe isikhathi sethu sokuqala. NguNkulunkulu. Manje hlala uthule. Wonke umuntu abe semkhulekweni. Niyazi ukuthi kukhona Okuthize lapha okwenza lokho.

218 Manje, abaFarisi bathi, “Ungudeveli.” Khona-ke bathola umvuzo wakhe.

UFiliphu wathi, “YiNdodana kaNkulunkulu.” Wathola umvuzo waKhe.

Noma ngabe ucabangani ngaKho, kukuwe lokho.

219 Wena okhala izinyembezi lapho. Ubuwazi ukuthi Okuthile kukushayile, ubungakwazi na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Indoda ekhala izinyembezi, ihlezi khona lapha, siyizihambi komunye nomunye. [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Angikwazi. Kepha uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uma uzokwenza, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili. Kulungile.

220 Uhlushwa yinkathazo yesisu. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Kulungile, uyakholwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi wena ungubani na? Uma Ezongitshela ukuthi wena ungubani, kuzokuqinisa na? Gcina isandla sakho siphakame, uma ukwenza, sivayizelise emuva naphambili. Kulungile. Kuzokuqinisa na? Mnu. Fred Moore. Kunjalo impela. Iya ekhaya, mnumzane, leso silonda esisemathunjini lenanzi lesisu sesikushiyile. Kubangelwe yisimo sokwethuka esikwenzile, kodwa uJesu Kristu wakuphulukisa ngenkathi Ekuthinta lapho.

221 Inenekazi elihlezi eceleni kwakho lapho, o, ngiyazi ukuthi ngubani lowo. Ngiyamazi lowo wesifazane, ukuthi igama lakhe lingubani . . . angiphazami. Ngikholwa ukuthi

nguNkk. Greene, ngabe kunjalo na? Angikwazi ukukubiza, Dadewethu Greene, ngoba ngiyakwazi. Kepha, lapha, linda umzuzu. Qhabo, akusikhona okwakho. Ukhulekela omunye umuntu. Kunjalo. Futhi lowo muntu usezweni elikhulu elikude nalapha, lapho kunokukhithika okuningi okuqhubekayo. YiNebraska. Yinenekazi elinomdlavuza, olikhulekelayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Umuntu onomdlavuza, omukhulekelayo, eNebraska. Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

Yiba nokukholwa! Kholwa!

222 Lelinenekazi elihlezi lapho, lisula izinyembezi emehlweni alo, liyisihambi kimi. Angilazi inenekazi. Lowo ngumyeni walo ohlezi eduze kwalo; indoda enkulu. Beyizihambi!

223 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko na? Uyakholwa ukuthi lona nguMoya kaNkulunkulu, nenekazi na? Usibekelwe ukufa, awunjalo na? Ngumdlavuza. Siyizihambi. Uma kunjalo, phendula ngokuvayizelisa isandla sakho. Kunjalo. Angikaze ngikubone, empilweni yami. Awusiye owakuleli dolobha, uvela ngapheshheya komfula ndawo ndawo. Kunjalo. UNkk. Sanders igama. Kunjalo. UHilda yigama lokuqala. Kunjalo impela. Sukuma ume ngezinyawo zakho, nenekazi, futhi wamukele ukuphulukiswa kwakho okuvela kuJesu Kristu. UNkulunkulu akubusise. Niyabo?

224 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Abanye, nina nonke kulemigwaqo lapha, kholwani eNkosini uJesu futhi niyosinda.

225 Manje, nguYe. Uyakholwa ukuthi nguYe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, anginazi. "Uma ukholwa!" Kukuwe.

226 Ubukeka sengathi uyakhuleka, uhlezi khona lapha, mnumzane. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa ukuthi kuzoba nguYe na? Ngiyisihambi kuwe. Wena uyisihambi kimi. Lesi yisikhathi sethu sokuhlangana. Kepha uNkulunkulu uyasazi sobabili. Uyakukholwa lokho na? Lezo zinto ziyiqiniso. Phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi uya ekhaya ungenankathazo yakho yomhlane, uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa na? Buyela e-Ohio, eHamilton. Kunjalo. Igama lakho nguMnu. Burkhart. Yiqiniso lelo. UJesu Kristu ukuphilisile manje. Ungaya ekhaya, usinde. Amen. Omunye umuntu, kholwa.

227 O, ngabe ninolwazi ngoBukhona baKhe na? Ngabe uyaqonda ukuthi Okuthile kufanele kukwenze lokho na? Yilokho impela iBhayibheli elathi Wakwenza kuqala, futhi wakwethembisa . . . Wakwenza phambi komJuda, phambi komSamariya, futhi wathembisa ukukwenza phambi kwoweZizwe. Leli yihora. Hhayi omunye uNkulunkulu womlando; kodwa uNkulunkulu Ogcina isithembiso saKhe, ophila khona manje; iNkosi uJesu, Yena Lowo Ophulukisa abagulayo, ngendlela efanayo Akwenza

ngayo, indlela efanayo, futhi wakuthembisa ngezinsuku zokugcina. Lona uKhisimusi futhi, ukuKhanya kwaKhe okuqondisayo. "Ubhekeni, Mfowethu Branham na?" Ngibheka Yena. Ngelinye izwe. Ngelinye izinga, uma ufuna ukukubiza kanjalo. Kusezweni lomoya.

228 Ngibona umuntu, enenhliziyo enzima impela, kepha ngiyamazi. Mfowethu Funk, bengingakwazi kuze kube manje. Usenkathazweni. Ithunzi elimnyama ngempela phezu kukamama wakho. Futhi uyazi ukuthi angikwazi lokho; ngiyangena nje. Kodwa umama wakho ube nokuhlinzwa, nesimila, umdlavuza. Ukhathazekile ngaYe, futhi uyakhuleka. UNkulunkulu obuyisele ubabayi wakho engqondweni yakhe ekahle, ambuyisele impilo yakhe, angambuyisela umama wakho. Ungesabi. "Uma ningakholwa, zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo."

229 NaNguya, ungaphezu komunye umuntu, kodwa ngiyamazi. Kodwa ukhulekela omunye umuntu. Nkk. Arganbright, uma uzokukholwa, lowo mdlavuza uzophulukiswa. Kungokomunye umuntu. Uyakholwa.

230 Kuthiwani ngawe na? Uyakholwa, nenekazi, mina ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uhlushwa yinto efanayo owesifazane eyamhlupha, umopho. Kunjalo. Awuveli kuleli dolobha. Ungowase-Ohio, futhi. Futhi usanda kuphulukiswa komunye wemihlangano yami, ngokuthile, wena uqobo. Ubunomdlavuza. Ubusibekelwe wukufa, futhi akusekho manje. Kunjalo. Ukuze wazi ukuthi ngiyinceku yaKhe, inkathazo yegazi ivela eminyakeni yakho. Kodwa futhi unokuqaqanjelwa amajoyinti, noma njengesifo samathambo, lapho uvuka. Ulukhuni ekuseni. Unenkathazo ngomphimbo wakho, futhi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

231 Unomunye umuntu enhliziyweni yakho, omkhulekelayo. Umalokazana wakwakho. Wathola imithambo evuvukele nesontekile. Ungumama wesigejane esikhulu sabantwana. Akusiye na? Kunjalo impela. Igama lakho nguNkk. Alice Thompson. Kunjalo impela. Buya, yemukela lokho okucelile. Ngakho-ke *yena* uyakuphulukiswa, ngoba wena ukholwe yiNkosi uJesu. Manje uma siyizihambi komunye nomunye, vayizelisa, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, *kanjena*. Angikwazi, angazi lutho ngawe.

232 Ngiphonsela inselele ukukholwa kwakho. Ngiphonsela inselele noma yimuphi umuntu ophakathi lapha, eGameni likaJesu Kristu, ukuba akholelwe eBukhoneni baKhe. Angikhathali ukuthi yini engalungile kuwe, uma uzoKukholwa.

233 Khumbula, lena yinto yokugcina Azoyenza ngaphambi kokuFika kwaKhe. Niyakhumbula ukuthi Wathini na? "Njengasemihleni yaseGomora naseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Wawuthini umyalezo na?

234 Kwakukhona iziNgelosi ezintathu ezehla. Ezimbili zazo, uBilly Graham noJack Shuler behlela eSodoma, futhi bashumayela nje umyalezo wokukhululwa kweVangeli, kubantu. Kodwa iNgelosi eyodwa yahlala emuva nabakhethiweyo, u-Abrahama neqembu lakhe.

235 Futhi iNgelosi yafulathela itende. Futhi uSara wahleka, ngaphakathi kwetende. Futhi iNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Yazi kanjani ukuthi wahleka, etendeni emva kwaYo na? Lowo kwakungumlayezo wokugcina iSodoma eyayinawo ngaphambi kokubhujiswa.

236 Futhi nasi izibonakaliso zokugcina uNkulunkulu azozikhombisa ngaphambi kokubhujiswa nya. Kwamukele, kukholwe, bese usindiswa.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

237 Unolwazi ngoBukhona baKhe na? Ngabe uyaMfuna manje, emva kokuba Yena . . . wena . . . Ngishumayele iVangeli kuwe, futhi uwuzwile uMlayezo waKhe. Bese-ke uMbona ehla futhi akhulume, qobo lwaKhe. Indoda ingasho noma yini; kodwa ngaphandle kokuthi uNkulunkulu akhulume futhi akuqinisekise lokho, akukuhle. Kodwa lapho Efika, uNkulunkulu, futhi enza uMlayezo ube ngophathekayo, futhi aphile futhi, khona-ke nguNkulunkulu. Ngabe uyafuna ukuMamukela manje, ngokuzinikela ngokugcwele empilweni yakho na? Nizophakamisa izandla zenu umzuzwana nje, nithi, "Ngizophakamisa izandla zami. Manje nginikela ngakho konke okwami, konke okwami kuYe." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

238 Bonke labo abadinga umkhuleko, wokuphulukiswa, ngikholwa ukuthi yilowo nalowo kini uzophulukiswa. Asikhulekele abagulayo.

239 Nkosi, ukuze kungasali muntu ngaphandle, ukuze bonke bamukele! Sinolwazi, Nkosi, njengoba ngi . . . ngimi lapha ngibuthakathaka futhi ngithuthumela, Wena ulapha. Kungaphezu kwanoma isiphi isithunzi sokungabaza. Abantu bashaywa wukwazi ngoBukhona obuNgcwele bukaNkulunkulu, omunye uKhisimusi, ukuKhanya okufanayo okungaphezu kwemvelo kukhanya. Kuholele abaningi emikhakheni ehlukene yempilo. Balizwile iZwi laKho lifundwa, futhi lishunyayelwa, futhi manje bayaKubona ufika futhi uqinisekisa iZwi.

240 IBhayibheli lathi, "Abafundi babuya, futhi bashumayela iZwi yonke indawo, iNkosi isebenza nabo, iqinisekisa iZwi ngezibonakaliso zilandela," izinto zokugcina ezazilotshwe emiBhalweni, ngaphandle kweSambulo. Manje sesiyakubona futhi. Kuseduze nokuFika, Nkosi. Yiba nomusa. Phulukisa bonke abagulayo abakhona lapha kulokhukusa. UMoya waKho uqinisile. Unamandla, futhi Ulapha.

241 Futhi baningi lapha, Nkosi, abangabantu betabernakele, abeza lapha. Wena yiba nomusa kubo, ukubabiza.

242 Futhi, nokho, Nkosi, Kuphezu kwezethameli zonke, khona manje. INkazimulo enkulu yeShekina, aMandla amakhulu kaKristu ovukileyo, uThingo lwenkosazana lwemibala eminingi, u-Alfa no-Omega, isiQalo nesiPhetho, iNkanyezi yoKusa, iMbali yaseSharoni, ukhona. Phulukisa, Nkosi. Sibabiza ukuthi basindile, ngomusa waKho. Banike ukukholwa ukuthi bakukholwe, Nkosi, futhi bakwemukele khona njengamanje, kube yinkazimulo kaNkulunkulu. Kwangathi wonke umuntu ogulayo angaphulukiswa.

243 Futhi wonke umuntu onephutha, ongahlalanga ngokungalungile ingxenye kumlingani wakhe, kwangathi bangathethelelwa. Wonke umuntu obhemayo noma ophuzayo, kwangathi bangathethelelwa. Kwangathi izono zabo zingaba ngaphansi kweGazi, ngoNkulunkulu osezindaweni zonke Okhona lapha manje; mhlasimbe abasondele ngakho konke abake baba yikho kuYe, kukho konke ukuphila kwabo. Yipha manje ukuthi lokhu kuzokwamukelwa.

244 Sizwe, Nkosi, O Nkulunkulu, Nkosi yethu enkulu, njengoba sibiza iGama laKho, kulenkathi yesikhathi somkhosi kakhisimuzi; hhayi uSanta Claus; kodwa uJesu ovukile kwabafileyo, futhi uyaphila, eZibonakalisa phakathi kwabantu baKhe. O Nkosi, Wena unguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa, futhi akekho omunye ngaphandle kwaKho. Futhi siyaKubonga ukuthi sinenhlanhla yokuhlala eBukhoneni baKhe, kulena encane, indawo ethobekile. Wazithoba qobo lwaKhe futhi weza phakathi kwethu. Sijabule kakhulu ngalokhu! Malibongwe iGama laKhe elingcwele! SiMnika udumo, kusukela ekuseni kuze kube sebusuku, futhi kuzo zonke izinkathi zasebusuku, izinhliziyo zethu zicula amaculo nezindumiso zikaJehova. Makabongwe Yena, kuze kube phakade naphakade!

245 Thatha laba, abantwana baKho, Nkosi, ngaphansi kwamaphiko aKho, ubafukamele njengoba isikhukhukazi senza ematshweleni aso. Baholele eMpilweni ejulile, nasempilweni ejabule kakhudlwana, nasempilweni egcwele ngokwengeziwe, banikeze umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Vuselela imiphefumulo yabo, Nkosi, ibe izidalwa ezintsha kuKristu, ukuze Uphile futhi uhlale kubo, futhi usebenze ngabo, njengabafundi baKho. Siphe khona, Nkosi. Ngokuba, siyakholelwa ukuthi kungekudala isibhakabhaka sizobhoboka futhi iNkosi yethu iyakufika, futhi siyakuMbona Lowo esimthandayo. SiyaKubonga ngalokhu, ngoJesu iNkosi yethu.

246 Manje amakhanda ethu ekhotheme, ngiphendulela inkonzo kumelusi.

